# *UMTHETHO NOMA UMUSA*

Sanibona kusihlwa, bangane. Awu, ngiyajabula ukuphuma futhi kulobubusuku. Futhi mina . . . isizathu sokuba ngibe leyithi, nje ngi . . . Ya, njengoba uMfowethu Neville eshilo, ngi—ngibe leyithi. Kodwa yini ebangele lokho, bengi . . . Ngolunye usuku ngishilo ebandleni, niyazi, Ngithe, "Awu, bengizozama nje ukudeda ezingcingweni nezinto." Angikwazi ukwenza lokho. Futhi ngakho-ke ngisanda kusuka esibhedlela, izibhedlela ezithi azibe zimbili eLouisville, emizuzwini embalwa nje edlule, isimo esiphuthumayo. Ngakho-ke yingalesosizathu ngithe ukuba leyithi kancane. Ngingene nje ngesikhathi ukuze ngifike ngalapha. Ngakho-ke, kwase kuthi-ke mina . . . unkosikazi ubene, ngiyakholwa, ungibizile futhi wangitshela ngakho. Ngiyakholwa, uDadewethu Ruddell ubezoba lapha kulobubusuku, futhi ubegula, naye. Futhi ngakho-ke ngiyakuzonda ngempela ukuzwa lokho.

2 Futhi ngishiye umzala wami eLouisville, ngisanda kumholela kuKristu, into eyodwa enhle. Futhi—futhi bekuyisifo esibi kakhulu, isifo iHodgkin, futhi ubengafa noma nini. Ngikholwa ukuthi iNkosi imphulukisile, ngobusuku.

3 Ngakho-ke umzukulu kaMfowethu uJim Wiseheart elele phezulu lapho nento efanayo, isiBhedlela iVeterans, nesifo iHodgkin sephula ngasenhliziyweni nengoxe yesifuba, ngakho-ke uyazi ukuthi lokho kusho ukuthi kuyingcosana. Akukho abangakwenza ngakho, kodwa bayazi ukuthi ithemba labo kuphela nguNkulunkulu.

4 Impela kufanele ngiye eMilltown, kulobubusuku. UBusty Rogers, niyakhumbula, uza lapha. Abaningi benu bantu bayamazi uMfowethu Rogers. Esimweni esibucayi, eshaya ucingo, usuku lonke, mina.

5 Futhi uGeorgie Carter omncane ezansi lapho, wathola ukuthi, waphulukiswa cishe eminyakeni eyishumi nambili, eyishumi nane edlule, elele embhedeni iminyaka eyisishiyagalolunye nezinyanga eziyisishiyagalombili, futhi engakaze avuke kulowo mbhede. Futhi ukuphuma kanye . . . Ngimkhulekele izikhathi ezithi azibe mbili. Futhi saphuma ngobunye ubusuku, futhi wayengale endaweni ekhuleka. Futhi iNkosi yehla, ukuKhanya okuncane kukhanya ehlashaneni idogiwudi, kwathi, "Hamba ngendlela yakwaCarter, ngenxa yokuphulukiswa kukaGeorge. Uzosindiswa." Nonke niyalwazi udaba, anilwazi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yonke leminyaka, akakaze nje abe ngaphezulu kokuba sembhedeni, engenawo ngisho umkhuhlane omubi, ngiyacabanga, kusukela ngalesosikhathi.

6 Futhi sithola ukuthi uyafa, enomdlavuza ebeleni manje. Futhi kade eshaya ucingo. Wezwa ukuthi ngiyabuya. Bathi wayesevele ephonse ithawula. Wavuka waphuma embhedeni ukuba emukele ukuphulukiswa kwakhe; ngakho-ke ngizofanele ngiyombona. Kusasa usuku lwami lokugcina lapha; ngizofanele ngihambe. Ngakho-ke, inqwaba yezingcingo, cishe *kanjalo*, ngakho-ke awazi ukuthi wenzeni. Ufanele nje wenze okwedlula konke ongakwenza.

7 Kodwa into esemqoka, njengoba umfowethu eshilo, into esemqoka omele uyenze, ufanele ushiye konke ngenxa yenhlanganyelo yakho noJesu Kristu. Konke! Isizathu, empeleni, sithola ukubukana, bese-ke siqhela kuKristu, niyabo. Ngingamane ngichithe isikhathi esiningi ningi sokuhlanganyela naYe, ukuze ungasiza abanye. Ngabe kunjalo na?

8 Ngakho-ke kuhle uku—ukuba phakathi kulobubusuku okwalomhlangano womkhuleko omncane, esibuthanele wona lapha ngoLwesithathu ebusuku. Futhi ngikhohliwe ngokumtshela ngokufundisa kulobubusuku. Ngakho-ke, lapha, ngifanele ngize lapha kulobubusuku futhi ngivele ngivule. Ngakho-ke, endleleni ezansi, nezibani emotweni yami, ngithathe into ethize ngapha lapho kade ngifundisa khona uSonto sikole, kungekudala, ngale eNcwadini yamaHeberu, okwalobubusuku.

9 Ngikholwa ukuthi isikhathi sokugcina engafundisa uSonto sikole lapha ngaso, o, ngaphambi kokuya phesheya kwezilwandle, NgangikumaHeberu isahluko se 10. Ngiyakhumbula ngifunda phansi, futhi ngakumaka lapha, ivesi 18, "okwangeSonto elizayo," nokuthi ngeSonto elizayo alikafiki namanje. Ngakho-ke mhlawumbe sizoqala lapho, kulobubusuku, okwesifundo sethu sakusihlwa.

INkosi inibusise. Futhi khumbulani bonke laba emkhulekweni.

10 Inenekazi lisanda kungitshela nje, emizuzwaneni embalwa edlule, lapho ngingena. Umngane wami omdala, ngaphandle esibhedlela, noma ezansi esibhedlela, njalo, futhi usanda kuhlinzwa. UBill Grant osembuthweni wamaphoyisa lapha, umngane wami olungile, uprinta lezozithombe nezinto; esibhedlela, ngesimo esiphuthumayo.

11 Futhi—futhi ngihlangane nomfowabo kaMfowethu Slaughter emuva lapho. UGene ungitshelile, ngiyakholwa, ubekade esesibhedlela kabili. Futhi kungukugula nje yonke indawo, niyazi. Akukho ukuphela kukho, neze. Kodwa uthe . . .

12 Niyazi, bengihlale ngimangala, ngenkathi uMose ehola abantwana bakwa-Israyeli ehlane. Ngenkathi ebakhipha, kwakukhona abangaba abayizigidi ezimbili. Lokho abancane nabadala, bonke ndawonye. Futhi wabahola iminyaka engamashumi amane ehlane. Manje cabanga nje ukuthi kanjani, manje, phandle lapho ngaphandle—ngaphandle kokuhlanza

izindawo nezempilo ebesingaba nakho namuhla. Futhi nabo, futhi, babengenakho . . . Babenabasha, inqwaba yabantu abasha lapho. Zingaki izingane ocabanga ukuthi yayizalwa ngobusuku, nabantu abayizigidi ezimbili na? Bese kuthi-ke, ngaphandle kwalokho, nabo bonke abantu abadala, nabakhubazekile nezinto. Futhi wababhola iminyaka engamashumi amane, ngaphansi kobuholi bukaNkulunkulu. Ehlane iminyaka engamashumi amane, futhi, lapho bephuma, kwakungekho noyedwa obuthaka phakathi kwabo.

13 Beningethande yini ukubuka esikhwameni semithi sikaDkt. Moses, kulobubusuku, ukubona ukuthi wayenani phakathi lapho ukubagcina—gcina bekahle na? Beningathanda ukubuka kuso nonke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nginganikhombisa khona. Sizobuyela emuva lapha manje ku-Eksodusi, futhi ngizokhombisa ukuthi kuphi. Leli yikhabethe lakhe lemithi. Ngizonikhombisa ukuthi wathini emuva lapha. Ngizobuka ngqo esakeni lakhe lemithi, futhi ngizobona ukuthi kuthini.

14 Uma kwakuzozalwa ingane, uma othile wayene-aphendiksi, noma waqubukelwa yi-TB, noma yini efana nalokho, nasi isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo uMose asifundayo, "NgiyiNkosi ekuphilisayo." Yileyonto kuphela ayenayo. "NgiyiNkosi ekuphilisayo." Manje, yileyonto kuphela ayenayo. E-hhe. Lokho kuhle ngokwanele, akunjalo na? UMose wathi, "Manje, iNkosi yiYo eyakuphilisa." Futhi bavele bamkhulekela nje, futhi waphila.

15 Futhi niyayazi enye into eyenzekayo ngalesosikhathi ehlane na? Babengadingi ngisho nezicathulo ezintsha ngenkathi bephuma, futhi izingubo zabo azizange ziguge. Iminyaka engamashumi amane ehlane nencwadi eyodwa kuphela yemithi, isithako semithi nokusetshenziswa kwayo esisodwa, "NgiyiNkosi ephilisa zonke izifo zenu." Futhi Yakwenza ngoba baYithatha eZwini laYo, futhi bavele bazikhulula kukho konke . . .

16 Khumbulani, manje, babefundisiwe. Babekade besezansi nabaseGibhithe, okwakungohlakaniphe kunabo bonke. Asikabi nabo odokotela, namuhla, abahlakaniphe njengoba babenabo. Ngoba, babenezinto abazenzayo, ezikhombisa ukuthi asikaze sifike kuleyondawo, nokho, kwisayense. Isibonelo, abaseGibhithe bakha . . . Ezinsukwini ezimbalwa nje ezedlule, ngadlula eduze kwebhubesi elikhulu elinekhanda lomuntu eliqoshwe ngetshe lapho, ukubuka ukuthi leyonto yayinkulu kangakanani.

17 Futhi lezozivivane, ngani, phezulu lapho, phezu kwebanga lendlu yasedolobheni ukuphakama, emoyeni, kunamathani. Kukhona izimbokodwe phezulu lapho ezinkulu cishe

njengalelitabernakele. Bebengeke bazibeke lapho namuhla uma bebengadingeka. Ngakho-ke, bakwenza ngandlela thize.

18 Futhi khona-ke, ibhubesi elikhulu elinekhanda lomuntu eliqoshwe ngetshe, ngicabanga ukuthi kuthatha izimoto eziyishumi nesithupha eziflethi ukuba umlenze walo ubekwe kulo. Kuthiwani-ke ngomzimba walo na? Futhi kuhlezi le emoyeni lapho. Bafike kanjani phezulu lapho na? Niyabo, babe—babengabantu ababenezimfihlo, ubuhlakani esingenabo namuhla. Ngicabanga ukuthi sinakho, kodwa asikaqhubekeli phambili ngakho, i-atomu noma into efana naleyo; ngoba, amandla kagesi, noma awekho amandla anjalo, abengakuphakamisa. Kodwa bakwakha ngaleyonkathi.

19 Futhi lesosivivane, isivivane esikhulu sihlezi lapho, ngokomumo womhlaba, kuphelele kakhulu maphakathi nomhlaba; akunandaba ukuthi ilanga likuphi, akukaze kube nesithunzi ngakuso. Ubunjiniyela, sinokuningi kwe . . . izindlela ezinde ezizayo, ukuqhathanisa nabo. Futhi, ukucabanga, lokho sekube ngaphezu kwalokho eminyakeni eyizinkulungwane ezinhlanu edlule, babenakho lokho.

20 Ngakho-ke, phakathi lapho, bathola iBhayibheli, ngokufanayo nje njengaleliBhayibheli lapha, kulotshiwe phakathi lapho, ngezilinganiso nje nokunye nokunye, ukulinganisa iVangeli nomBhalo, njengoba nje sinaWo lapha. U-Enoke wakufaka lapho, iminyaka neminyaka ngaphambi kukazamcolo wasemandulo.

21 Futhi, khona-ke, uNkulunkulu waloba amaBhayibheli amathathu. UNkulunkulu wenza konke ngakuthathu. Waloba amaBhayibheli amathathu. Wayenokuza okuthathu kukaKristu. Kunezimiselo zesikhathi ezintathu zomusa. Kukhona abantu abathathu ebuNkulunkulwini . . . ukubonakaliswa okuthathu koMuntu oyedwa ebuNkulunkulwini, njalo. Futhi zonke lezozinto. Niyabo?

22 Manje, njengoba uJesu afika okokuqala, Uke waba lapha kanye (aKazange na?), Ufikela ukuzohlenga uMlobokazi waKhe. Ufika ngokwesibili ukwemukela uMlobokazi waKhe, ambambe amphakamise, bahlangane emoyeni. Futhi ufika okwesithathu noMlobokazi waKhe, njengeNkosi neNdlovukazi.

23 Niyabo? Ngakho khona-ke, khona-ke, kukhona okuthathu futhi, okuthathu ekubonakalisweni kukaNkulunkulu. UNkulunkulu waZibonakalisa kanye ebuBabeni, njengoba Ahola abantwana bakwa-Israyeli. Inkathi elandelayo uNkulunkulu wazibonakalisa Yena uqobo wayesebuDodaneni, iNkosi uJesu Kristu. Inkathi yesithathu uNkulunkulu wazibonakalisa Yena uqobo, ukanye nathi manje, uMoya oNgcwele. Niyabo, ukubonakaliswa okuthathu. Yonke into ebuthathwini.

24 Manje aseqele ngale esifundweni sethu. Bangaki abathanda ukufunda iBhayibheli, futhi nje . . .? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] O, ngiyaLithanda nje.

25 UNkulunkulu ethanda, uma sengibuya . . . ngizo . . . ngaphandle ukuthola ukuphumula okuncane manje, okweviki noma amabili. Ngakho-ke, uma sengibuya, uNkulunkulu ethanda, ngifuna ukubamba imvuselelo lapha etabernakele, yemvuselelo yokufundisa nje. Futhi sizothatha ndawo ndawo eBhayibhelini, futhi sihambe sithi ngqu sedlule kokwethu . . .

26 Khumbulani, bangaki abantu abadala phakathi lapha abakhumbulayo ngenkathi sasivame ukuthatha njengeNcwadi ka-Eksodusi, futhi siyithathe mhlawumbe izinyanga nezinyanga, singamshiyi neze u-Eksodusi na?

27 Ngangena kuJobe ngesinye isikhathi, futhi njengokungathi angizange ngiphume. Niyakukhumbula lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Elinye inenekazi langibhalela incwadi, lathi, “Mfowethu Branham, uyoke umsuse uJobe ezaleni na?” Ngaqhubeka kuleyondaba eyodwa, uJobe omdala ompofu, ehlezi phandle lapho phezu kwezala, niyazi. Bonke nje abangani bakhe bamshiyile, wayevimbezelwe amathumba nakho konke. Ngamdabukela kakhulu umfo omdala, ngaze nga . . .

28 Futhi, khona-ke, ukuthi iNkosi yaphenduka kanjani futhi yambusisa, ngoba waphila ngolwazi lwakhe olwedlula konke, ngaphansi ko—umhlatshelo wokushiswa. Yilokho kuphela ayekwazi, futhi yena . . . ukuvuma izono zakhe. Futhi wahamba wathola abantwana bakhe—bakhe, futhi wenza umhlatshelo, wathi, “Kungenzeka ukuthi bonile ngasese, futhi abakwazi.” Wayengubaba wangempela kanjani, futhi uNkulunkulu wambuyisela bonke labobantwana, ekugcineni. Benikwazi lokho na?

29 Awusho, ngifuna ukunibuza okuthize lapho. Nisakhumbula ukuthi Wababuyisela kanjani abantwana bakhe na? Manje, khumbulani, Wamnika isigejane esiphindwe kabili. Izinkabi eziyizinkulungwane eziningi ayenazo ekuqaleni; lapho zonke zazithathiwe, Waziphinda kabili lezozinkabi. Ngenkathi izimvu, Waziphinda kabili lezozimvu. Kodwa khumbulani, wayenakho, ngikholwa ukuthi kwakuyikho, isikhombisa noma ishumi nambili, ngiyakhohlwa manje ukuthi nje kwakuyini, amadodana namadodakazi. Kodwa, wayenenani elifanayo lamadodana namadodakazi, uNkulunkulu wamnika wona. Ngabe kunjalo na? Niyabo, Waphinda kabili yonke ingxenye yakhe yempahla, lapha emhlabeni. Manje, kodwa amadodana akhe namadodakazi, onke abulawa, kodwa Wamnika inani elifanayo lamadodana namadodakazi. Senake naqaphela na? Senake nakucabanga lokho na? Niyakhumbula ngenkathi sikufundisa na? Niyabo?

30 Ayekuphi lawo madodana namadodakazi na? ENkazimulweni, emlindile. Niyabo? Wabanikela, bonke kuye. Niyabo, akekho noyedwa wabo owalahleka. Niyabo? Inani elifanayo lamadodana namadodakazi Awabalula kuqala, Wabalula inani elifanayo ekugcineni. Kodwa Waphinda kabili ingxenye yakhe yezimvu nenkabi, nokunye nokunye, kanjalo. Kodwa amadodana akhe namadodakazi bonke babesindisiwe, belindile, eNkazimulweni, ukuba uJobe eze kubo. O, he! Lokho kufanele konke, akunjalo na? Kulungile.

31 INcwadi yamaHeberu. UPawulu, ngokubona kwami, uPawulu ekhuluma kumaHeberu, ehlukanisa umthetho emuseni. Futhi sinakho . . . Mhlawumbe sizovele sifunde amavesi athi awabe mabili, a—amavesi okuqala esahluko se 10. Bese kuthi-ke sizoqala, nokho, ngele 19. Ngiyacabanga ukuthi thina . . . Asibone.

> . . . *lokhu umthetho unesithunzi sezinto ezinhle ezizayo, ungesiwo umfanekiso wazo uqobo, ungeze waba-namandla ngemihlatshelo e . . . enikelwa* ngu . . . *iminyaka ngeminyaka ukubenza baphelele labo a—* osondelayo.

32 Manje, ngiyacabanga, uma ukuqondisa lengxenye yokuqala, UPawulu uzama ukusho kubo, ukuthi imithetho emidala yayiyisithunzi sezinto ezintsha ezizayo. Manje, bona, isithunzi siyinto ethize . . .

33 Uma ungaya ngasodongeni, noma *ngapha*, ngokubhekene nezibani, ubungathola ukuthi isithunzi sakho sihamba phambi kwakho. Uma ubuqala ngasekushoneni kwelanga, isithunzi sakho besiyoba ngemva kwakho.

34 Manje qaphela, "Wonke umthetho unesithunzi sezinto ezizayo." Niyabo, isithunzi nje. Manje, ngaphansi kwesimiselo sesikhathi esidala, uPawulu wayezama ukusho ukuthi babesokwe kanjani, abesilisa, ngenyama, kwakungumfanekiso wokusoka ngenhliziyo, kaMoya oNgcwele walolusuku. Ukuthi babeyigcina kanjani imiyalo emuva lapho, eyayilotshwe ezibhebheni zamatshe. Ezinsukwini zokugcina, uNkulunkulu wathi UZoyiloba ezibhebheni zenyama yenhliziyo yethu.

35 Manje, indlela kuphela emuva lapho, bazi ukuthi kwakuyiphutha uku . . . "Ungebi." Babefanele bakubone emyalweni. Futhi umthetho wengezwa, ukuletha—ukuletha ukubuyisana. Ngoba, uma ungekho umthetho, awu . . . Uma ku—kungekho mthetho, asikho isono. Ngoba uma kungalungile . . .

36 Uma kungekho mthetho kuleli dolobha, othi angeke uhambe elambini elibomvu, angeke ukwenze *lokhu*; ngani, uma uhamba elambini elibomvu, awenzanga iphutha, ngoba awukho umthetho osho njalo.

37 Ngakho-ke umthetho waletha ulaka, noma waletha isono ekubonweni. Niyabo, babengenakho . . . Bazenza zonke lezozinto

emuva ngaphansi kwe . . . phambi komthetho, futhi babengesiso isono ngoba kwakungekho umthetho othi babeyisono. Kodwa lapho umthetho ufika, umthetho wenezelwa kwaze kwafika ukuphelela.

38 Manje, umuntu ubehlala ezama njalo ukuthola okuthize ukuze azisindise ngakho. Usalokhu enza into efanayo nanamuhla; akakehluleki nje.

39 ENdiya, ngesonto eledlule, bekukhona abantu abafika owayeyimpumputhe ngokuphelele, bebuka ilanga, bezama ukuthola ukuthula emphefumulweni wabo. Abanye babo nezinzipho zabo zakhula ngemuva kwezandla zabo, *kanjalo*, bezama ukuthola ukuthula emiphefumulweni yabo. Bathi abakaze behlise isandla sabo, futhi basibeke phezulu iminyaka engamashumi amane, bezama ukuthola ukuthula. Abanye nezinyawo ezishile zayobuka kubo, cishe impela, lapho ababedabule khona emalahleni ashisayo, ukuzama ukuthola ukuthula, ukushweleza konkulunkulu babo. Belale engilazini, futhi nje ngamabhodlela amadala aphukile nezinto, belale emabhodini ezinto ezicijile nayo yonke into, bezama ukuthola ukuthula. Futhi akukho ukuthula kubo, ngoba konke kungukukhonza izithombe. Futhi silapha eMelika, angeke sihambe siwele umgwaqo, ukuthola ukuthula emphefumulweni wethu, kuNkulunkulu weqiniso wangempela nophilayo. Kunjalo. Kodwa, zonke lezozinto, leyomibono yobuhedeni yomuntu!

40 Emuva esikhathini uNkulunkulu athumela ngaso phansi umthetho, futhi wenezelwa ukuze asibonise ukuthi lezizinto zaziyisono. Kodwa, manje, lowomthetho wawungenakusisusa isono. Kuphela wakhulisa isono. Niyabo?

41 Ngoba, uma ungekho umthetho othi angeke ukwenze *lokhu*, ngani, akunjalo . . . Akukhona . . . Uma ufaka noma wephula lokho, lokho . . . Angeke ukwephule, ngoba awukho umthetho ongawephula.

42 Kodwa nxa umthetho ususebenza, khona-ke isono siyabonakaliswa. Khona-ke babe . . . Babezothi, "Ungebi. Ungaphingi. Ungafakazi amanga." Zonke lezozinto. Bakwenza ngaphambili, kodwa kwakungeke kubalwe njengesono, ngoba akukho mthetho omelene nakho. Kodwa-ke kwathi lapho umthetho ungena, wenza indoda ibone ukuthi angeke yebe, angeke iqambe amanga, futhi yona . . . iphinge. Futhi konke okwemiyalo kuyakhulisa nje, kodwa nokho lowomthetho awuzange usisuse isono. Waletha umuntu kuphela ukuthi azi ukuthi kwakuyisono.

Khona-ke, lapho uKristu efika, uKristu wafikela ukususa isono. Niyabo?

43 Manje, into kuphela umthetho owayenzayo, babazi ukuthi isibambiso esingenacala sasifanele sifele onecala. Lowo

mthetho waqala emuva ensimini yase-Edene. Bese kuthi-ke, manje, babenikela ngemvu, noma inkunzi, noma okuthize, futhi bayibulale, bachithe igazi e-altare, nokunye nokunye; ngoba kwakuyisembozo, noma umnikelo oyisibambiso. Kodwa wawungeke ususe isono, ngoba awekho amandla enele empilweni yesilwane ukuhlawulela ukuphila komuntu, ngoba inkulu impilo yomuntu kunempilo yesilwane.

44 Manje, silapha, sihlezi lapha, kulobubusuku. Cishe singamaJalimane, ama-Irish, nokunye nokunye, abanye abantu abangamakhaladi. Bona, akunandaba uma bemnyama, bemhlophe, bephuzi, noma yimuphi umbala abayiwo, kusukela kumuntu oyedwa kwaphuma thina sonke. Niyabo? Lokho kufakazelwa ngokwesayensi, ukuthi ungangena ebumnyameni obedlula bonke base-Afrika futhi uthole u—umuntu omnyama kunabo bonke ongamthola, futhi, uma ubugula, ubengakuthekelisa ngegazi. Igazi lakho lifana ncamashi nelakhe. Noma, ubungangena eShayina futhi uthole indoda ephuzi kunawo wonke ekhona eShayina, futhi ibingakuthekelisa ngegazi. Niyabo? Noma, indoda ensundu kunawo wonke ekhona eNdiya ingakuthekelisa ngegazi. "UNkulunkulu, ngegazi elilodwa, wenza zonke izizwe, bonke abantu." Kodwa asikho isilwane emhlabeni esingaqhathaniswa negazi lomuntu. Niyabo? Igazi lesilwane, ngalinye lihlukile. Kodwa igazi lomuntu lonke liyafana.

45 Manje uma lokho kungawuthathi umbono wabanye balabababantu abakhulumayo, futhi bayafundisa esikoleni, lapha, ukuthi savela ngenguqunguquko empilweni yesilwane. Uma lokho kunjalo, khona-ke isilwane besingathekelisa ngegazi. Kodwa igazi, impilo yomuntu, ilele ngokufanayo. Kodwa impilo yesilwane, ezinye zazo zifana nenyoka, inegazi elibandayo; inhlanzi, inegazi elibandayo; kodwa manje, ibhere, inyamazane i-elki, noma inja, noma ihhashi, ziwuhlobo olwehlukile. Kanjalo, asikho kuzo—asikho kuzo esingathekelisa ngegazi, esinye kwesinye, ngoba zonke zehlukene. Kodwa isidalwa esingumuntu lonke liyefana.

46 Khona-ke ngokunikela ngegazi lesilwane, kuphela kwakuyi—isibambiso ngaphansi komthetho, kwaze kwafika uJesu, ongazalwanga ngumuntu. Akekho umuntu kulomhlaba owayengubaba waKhe. Wayenomama, futhi umama wayeyintombi nto, uMariya intombi, intombazane cishe eneminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala. Futhi uMoya oNgcwele wamsibekela, kunguNkulunkulu uBaba qobo lwaKhe, futhi wadala. Yena impela Lowo Owakhuluma izwe laba khona, wakhuluma nje.

47 Niyazi, ngeSonto, ukuthi singene kanjani kukho. Lapho uNkulunkulu ekhuluma, kufanele kube njalo. Ayikho indlela nhlobo yokusuka kukho. UNkulunkulu uthi, "Makube khona," futhi kufanele kube khona. Akukho lutho. . .Lona kanye iZwi

qobo lwaLo! Futhi iZwi laliwumcabango. UNkulunkulu, ngenkathi E. . . Ngaphambili . . . Izwi lingokuveziwe komcabango. UNkulunkulu wakucabanga engqondweni yaKhe; wakukhuluma kwaba khona.

48 Futhi sinokukholwa ezinhliziyweni yethu, ukukholwa kukaNkulunkulu enhliziyweni yethu, futhi singabona ngokucacile. Kuba ukukholwa, bese-ke siyakukhuluma, bese kuba khona, into efanayo, ngoba umqondo kaKristu ukumuntu. Yilokho okwenza ukuphulukisa, nokunye nokunye. Uma uthola lesosambulo esiphelele, nje lokho okwenzayo, khona-ke uyazi ukuthi uhambe kanjani. Yilokho-ke, ngoba lokho ngukuhamba komKristu.

Manje, kodwa igazi lezilwane alisisusanga isono.

49 Khona-ke ngenkathi uJesu efika, enguNkulunkulu qobo lwaKhe, ebonakaliswe enyameni, iGazi laKhe lalingalandeli igazi lanoma yimuphi omunye umuntu. Sonke, wonke umprofethi, wonke umuntu omkhulu, wayeyigazi lomuntu. Kodwa loMuntu wayeneGazi lobuNkulunkulu. UNkulunkulu, qobo lwaKhe, wadala ingqamuzana leGazi.

50 Futhi u—umuntu, wena, uvela engqamuzaneni elilodwa legazi, uma ungake ukubuke ngaphansi kwengilazi. Ngenzile, emavikini ambalwa edlule. Futhi—futhi ukuzalanisa izilwane, ukuze wena . . . noma izinkomo, namashumi ezinkulungwane zezimbewana phakathi lapho. Futhi lezo zimbewana, amangqamuzana egazi amancane, eshaya, futhi kulokhu, kumuntu ojwayelekile.

51 Kodwa e. . . lendawo, uNkulunkulu qobo lwaKhe wadala lelingqamuzana leGazi, ngaphandle kwanoma yisiphi isenzo somuntu nhlobo. Futhi okuphuma lapho kuphuma iNdodana yaKhe uQobo, uKristu Jesu, Lowo uNkulunkulu qobo lwaKhe ahlala khona, eMenza u-Emanuweli emhlabeni. Leso yisithombe. Yilokho okufanele ukukholwe, ukuze usindiswe. Kwase kuthi-ke uJesu, ngesihle, wayengadingekile ukuthi akwenze, kodwa ngesihle, ngothando enhliziyweni yaKhe ngenxa yomfo waKubo, wafa eKalvari futhi wachitha leloGazi, nezono zezwe phezu kwaKhe, ukuthi Wathatha izono zethu wazisa eKalvari, phezu kwaKhe.

52 Manje akusikho engingakwenza. Akusikho ukuthi ngimuhle noma qhabo. Kungukuthi ngabe Wayemuhle. Angisoze ngabamuhle ngokwenele ukukwenza. Angeke wabamuhle ngokwanele ukukwenza. Uma uke wakwenza, uyoma ekufanelekeni kukaJesu Kristu. Ngizokutshela lokho manje, ngoba akukho okunye ongakwenza.

53 Kodwa uNkulunkulu wedlulisela zonke izono zethu phezu kwaKhe, futhi Wafa. Futhi ngoba Wafa eyisoni, iBhayibheli lathi, "Umphefumulo waKhe waya esihogweni." Kunjalo. Futhi ngenkathi Eselapho, Washumayela ku—kulabo

ababesekuboshweni, abangaphendukanga ekubekezeleni kwezinsuku zikaNowa.

54 "Kodwa kwakungenakwenzeka ukuthi Wayeyoshiya umzimba waKhe ubone ukubola, kanjalo umphefumulo waKhe esihogweni." Futhi ngosuku lwesithathu, Wavukela ukulungisiswa kwethu. Esibonisa, ukuthi njengoba ukukholwa kwethu kuvunyiwe kuYe, futhi sizelwe kabusha ngoMoya, lokho kwakuqinisile njengoba Ephuma ethuneni, sizovuka futhi ekuFikeni kwaKhe kwesibili. O, ithemba eliphelele kanje pho!

55 O, lapho ubona izinkolo zezwe, nezinkolelo-ze zabo, bese kuthi-ke ubona lapho insindiso yethu nethemba eliqinile, lesekeleke phezu kwesimiso esiqavile, ukuthi wonke amademoni esihogo angeke alinyakazise. Ungawabona eveza ubuhle. Inkolo kaBuda yinkolo enhle, inkolo yamaHindu yinkolo enhle, kodwa, mfowethu, abanakuPhila njengoba ukuphila kungaba njalo.

56 Kulelephi ukuPhila na? UkuPhila kulele eGazini. IGazi lingukuPhila. Futhi yilowo Muntu kuphela owayengopha uhlobo olukahle lweGazi, ngoba WayeyiGazi likaNkulunkulu uQobo. Futhi Wopha iGazi elahlenga mina nawe. Futhi ngakho-ke insindiso yethu ilele kuKristu Jesu, lokho Asenzela khona eKalvari. Akunandaba ukuthi sizithola siphansi kangakanani, sizithola siziphatha kabi kangakanani; ukuthi sizithola singcole kangakanani, uma sibheka eKalvari, ngenhliziyo yeqiniso, nokuvuma izono zethu lapho eKalvari, lokho kuyakuxazulula. Kunjalo. Akungaphezu kokuthi ukuvuma kwakho kungahamba kuphume odebeni lwakho, aze uNkulunkulu abe ngaphansi kwesibopho sokukuphendula. Kunjalo. O, uma ngicabanga ngalokho!

57 O, akumangalisi uPawulu asho. . .Ngama lapho ekamelweni, ngolunye usuku, lapho banquma khona ikhanda lakhe, futhi bamphonsa emseleni. Ngacabanga. . .Ngaphambi nje, wathi, "O kufa, luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Kodwa makabongwe uNkulunkulu Osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu." Niyabo? Lokho nje kuyaphumula. O, yilokho engithanda ukukhuluma ngakho.

58 Lalelani, abanye babafo abasha. Ungahle ube musha, futhi lokho kungahle kube yichoboka, uze ungakunaki ngempela. Kodwa linda isikhashana nje, uze ulale lapha esibhedlela, udokotela uthi unezinsuku ezimbili zokuphila, noma amahora amabili. Linda kancanyana nje ize leyonhliziyo iqale ukweqa lokho kushaya, futhi uyizwe ikhuphuka ngomkhono wakho. O, mfowethu, uzobe ufuna ngakho konke-ke. Yonke impilo izobaluleka ngani ngaleyonkathi na? Sekuphelile. Linda izinwele zize ziqale ukuphenduka zibempunga ekhanda lakho, futhi uyabona ukuthi ubhekene nePhakade elingapheli ngaleya; futhi lomphefumulo manje ophila ngaphakathi kuwe,

ubhobokela njenge—njengezinyo elikhishiwe, liphuma kuwe kanjalo, ukuba liye endaweni ethize lapho ongazi ukuthi uyaphi. Kungcono ukucabangisise manje, futhi ukuxazulule manje. Isizathu, ungahle uhlwithwe, [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] kanjalo, ngaphandle ngisho kwethuba lokuphenduka. Ngakho-ke, lungisa, manje.

59 Azikho izaba, kubantu baseMelika. Labo bahedeni abase—eNingizimu Afrika, naseNdiya, emuva le phakathi lapho, bayovuka ekwaHlulweni futhi basilahle lesisizukulwane, ngoba thina sinokuKhanya, neVangeli, namabandla, nezibusiso, nakho konke lapha, futhi siyenqaba ukuLemukela. Yilapho inkinga elele khona, mngane. Manje, ngikusho lokho ngokuzuma, ngoba kungokusiza wena, niyabo, ngoba ufanele ukwenze lokho.

60 Manje, "Umthetho unesithunzi." O, uma ngicabanga ngalokho, "Umthetho unesithunzi sezinto ezinhle ezizayo!" Bukani ukuthi umthetho wawunikelani. Phenyani esahlukweni esilandelayo, isahluko se 11 samaHeberu. Bukani ukuthi uDaniyeli wenzani ngaphansi komthetho. Bukani ukuthi u-Enoke wenzani ngaphansi komthetho. Bukani ukuthi uMose wenzani ngaphansi komthetho. Khona-ke, uma kuphela wayephila ethunzini lokubuyisana, ibandla lobuKristu belifanele lenzeni namhlanje, ngeqiniso lokuvuka kweNkosi uJesu Kristu na? Simi kuphi kulobubusuku, bangane na?

61 Ngiyanitshela, kufanele kwenze wonke umKristu azilungiselele izikhali. Ngaleya Lathi, "Hlomani izikhali zonke zikaNkulunkulu. Futhi niqiniseke ukuthi nilethe isivikelo sesifuba, nesigqoko sokuzivikela, nesihlangu, nazo zonke lezozinto." UPawulu ukufanisa nesosha eliya empini. Futhi lapho ubuqili besitha bungena, phonsela phezulu isihlangu sakho, uqhubeke uphume futhi uhlangabezane naso.

62 Manje, uma umthetho ubungaveza lokho, belifanele kangakanani iqiniso leGazi likaJesu Kristu! Lapho incwadi efile izokwenza lokho, abefanele avezeni amandla okuvuka, naMandla, noMoya weNkosi uJesu Kristu na?

63 Manje besifanele size ebandleni ngenhlonipho yokuzithoba ephakeme kunazo zonke. Sifanele singene ebandleni njengabangcwele bangempela bakaNkulunkulu. Sihambe sithathe indawo yethu, futhi sigcine imiqondo yethu ikuKristu. Besifanele sishiye yonke into yezwe, kanjalo. Futhi uma ngempela uzelwe kngobusha . . . Lokhu kungahle kusike manje kancanyana, kodwa niyazi ukuthi lena yindlu yokuqondisa. Uma ngempela uzelwe ngoMoya kaNkulunkulu, kulapho inhliziyo yakho ilele khona, noma kanjani. Yilokho . . . Imicabango yakho igxilise okwehange ngaleya. Niyabo? Uma uke . . .

64 UJesu wathi, "Ozwa amaZwi aMi, akholwe ngoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade. Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe!"

65 Manje, uma ukholwa kahle! Uma nje ukuvuma ngezindebe zakho, akusizi kakhulu. Kodwa ngokusuka enhliziyweni yakho, uma ukholwa ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu, awukwazi ukuphila impilo efanayo owake wayiphila. Awukwazi, uma uke uthole umbono wangempela weKalvari. Manje, uma nje uthatha indlela emahlaphahlapha, nje u—uzikhohlisa wena nje.

66 Kodwa uma uthola ngempela umbono walokho uJesu ayeyikho! O, he, ngithanda kanjani ukushumayela ubuNkulunkulu, ubuNkulunkulu obuphakeme bukaJesu Kristu! Uma nike naqaphela ukuthi WayenguBani, nalokho Akwenzela nina besilisa nabesifazane, izinhliziyo zenu beziyodabuka phakathi kwenu, futhi beniyovuma ukulahla udoti wezwe, ukuba niphilele Yena. O, kumangalisa kanjani, nokuthi WayenguMuntu onjani! Uma ubona ukuzehlisa kukaNkulunkulu qobo lwaKhe, ezisombulula qobo lwaKhe, ehla, Aze angene enhliziyweni yakho!

67 Ngenkathi uNkulunkulu uBaba, esimweni seFu elikhulu, lilenga phezu kwabantwana bakwa-Israyeli; futhi kwathi lapho Ehlala entabeni ngalokho kusa, ukuloba umthetho; ngani, ngisho noma isilwane sithinte intaba, simelwe sigwazwe ngomcibisholo. Ngokungcweliswa kuphela Wakhuphula uMose. Wahlalisa u-Aroni le phansi kwegquma, ukubhekisisa nokuqapha ukuthi akukho lutho. . .Futhi lapho leyoNsika yoMlilo yayihlezi kuleyontaba, umbani usakazeka, futhi ukuduma kwabhonga, ubumnyana bahlala. Lapho uJehova uNkulunkulu, uMdali walo lonke iPhakade, wahlala phezu kwentaba Ayeyidalile, Yena uqobo, ugqinsi lwamafu lusakazeka, lombani, ukuzamazama komhlaba! Kwaze kwathi, lawo ma-Israyeli emi phandle ngaleya ekamu, nomhlatshelo owophayo ubazungezile, wathi, "Makukhulume uMose, futhi hhayi uNkulunkulu, funa sife." Cabanga ngalokho.

68 Lowo Mninimandla onke ofanayo, isiDalwa esikhulu, waZithoba futhi wazisombulula Yena uqobo, wayesengena emzimbeni wenyama ukuthi noma yimuphi umuntu ubengathinta ngezandla zakhe. Wenzani na? Ebiza umgwaqo waKhe, ezama ukungena kumuntu. Khona-ke, kamuva, Wahamba futhi wanikela ngeGazi laKhe uQobo, lapho lalingekho elinye igazi elalingakwenza! Akumangalisi ukuthi Wayeyinani elingenakulinganiswa leZulu! Akumangalisi ukuthi WayeyiNkosi yawo wonke amakhosi! Ngenkathi Efol-. . .wazisombulula qobo lwaKhe, futhi wehla futhi wazinikela qobo lwaKhe ezandleni zomuntu oyisoni, ukushaywa, nokukhafulelwa, nokulinyazwa, nokulengiswa esiphambanweni, nokufa. Lapho Esami lapho, omunye wathi. . .Lapho Athi, "Bengingabiza uBaba waMi, futhi UbeyoNgithumelela olegiyona abayishumi beziNgelosi. Kodwa uMbuso waMi awusiwo owalelizwe."

69 Futhi lapho lezozixuku zathi, "AKahambe! AKahambe!"

70 Kungani Engaphendukanga futhi athi, "Hamba"? Nasi isizathu Engakwenzanga, bangane. Kubukeni. Bona babengantwana baKhe uQobo. Ukucabanga, ngabantwana bomuntu bekhalela igazi likayise. Uma abantwana bami bebekhathaza ngegazi lami, bekungeke kube khona lutho olunye ebengingalusho, "Ngithatheni." Uma—uma Enqaba ukukwenza, Walahlekelwa ngumntwana waKhe; yona kanye indalo yaKhe, izidalwa zaKhe ezingabantu. Futhi yibona ababefuna iGazi laKhe. Ubungathini abantwana befuna iGazi likaBaba wabo na? Yingalesosizathu Wayengeke akwazi ukuthi qhabo. Ukube Wayethe qhabo, babelahlekile. Ngingafela abantwana bami ngesihle, nanoma yimuphi omunye ubaba ubengakwenza. Bukani ukuthi Wayeyini, abantwana baKhe uQobo bekhalela iGazi laKhe.

71 Futhi ubulungiswa bomthetho babudinga iGazi. Futhi igazi lezimvu lalingeke likwenze, igazi lezimbuzi lalingeke likwenze, igazi lezinkomo lalingeke likwenze, kodwa iGazi likaNkulunkulu qobo lwaKhe lalifanele likwenze. Futhi uNkulunkulu wenziwa inyama, waphila lapha emhlabeni. Lowo Muntu omkhulu odumayo esiqongweni seNtaba yaseSinayi wayelapha enyameni ngaleyonkathi.

72 Khona-ke Wahlanza indlela ukuze Ubengeza ngayo futhi ahlale enhliziyweni yakho. Futhi manje lowo Moya ofanayo, owaduma uvela eNtabeni yaseSinayi, uphila enhliziyweni yomuntu. Okumangalisa kanje pho! He, lokho, lokho bekufanele kubeke yonke inhliziyo igxumagxuma, futhi uku—ukucabanga ngakho.

73 Manje edlula ngokushesha, uPawulu wayeqhubekela phambili, ezansi evesini le 5 nelesi 6 lapha. Sizama ukufika kwele 19, ukuze sisheshe. I ni-. . .Elesi 5 nelesi 6, futhi kwehle njalo, wayekhuluma ngokuthi imithetho yayibikezela kanjani. Ukuthi kanjani eTestamenteni eLidala. . .Sedlulile kukho, ngeliny'ilanga. O, ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, kwakuyikho, kuSonto sikole.

74 Umuntu ungaphansi kwesono; uthi waphinga, noma weba, noma wephule iSabatha, noma omunye umyalo. Khona-ke wayedingeke athole iwundlu, futhi wayefanele alethe leliwundlu kumalunga, futhi babefanele balibheke leliwundlu. Iwundlu lalifanele lingabi nasici, lalifanele lingabi nacala kulo. Bukani ukubaluleka lapha. Iwundlu lalifanele lingabi nasici, kumuntu osolwayo. Amen. Ngiyethemba niyakubona. He!

75 Ngikhumbula indaba encane. Angazi noma ngake nganitshela, noma qha. Yindaba encane nje eyinganekwane, kanjalo. I. . .Ngaphansi komthetho, uma umama hhashi omdala wayeneponi elincane, futhi lalingumnyuzi, niyazi, nezindlebe zakhe zaphuka, namadolo akhe eshayiwe, futhi, o, umnyuzi

onezingxemu nobukeka kabi kanjani. Awu, lowomnyuzi, uma ubungazibuka, ubungathi, “O, he! Lapho inkosi iphuma, izongibulala, ngoba mina . . . Ubengeke angondle. Angifanele ukuphila. Awungibuke, inxushunxushu ebukeka kabi kanjena engiyiyo!”

76 Kodwa uma umama ubengaphendula kumfo omncane, ubengathi, “Awume kancane, s’thandwa! Ungaphila, ngoba ungowami wokuqala, futhi unelungelo lobuzibulo. Manje uma inkosi iphuma futhi ikubona ukuso sonke isimo sakho, izofanele ibuyele emuva futhi ithathe iwundlu elingenasici kulo, futhi ilibulale, ukuze ukuthi lowo mnyuzi obukeka ukhubazekile ungaphila.” Niyabo, umpristi akakaze awubone umnyuzi; wabona iwundlu. Kwakungekhona ukuthi umnyuzi wawuphelele yini; kwakufanele kube yiwundlu eliphelele.

77 O, ngiyethemba niyakubona. Akusikhona ukuthi ulunge ngokwanele ukuba ngumKristu noma qha. Kungukuthi Wayelunge ngokwanele. Uma uNkulunkulu aMemukela, neGazi laKhe lenza ukubuyisana, uNkulunkulu akakuboni wena; Ubona iWundlu. O, he!

78 Khona-ke lowomnyuzi omncane wawungamisa umsila wawo phezulu emoyeni, futhi uhonqe, futhi ugxume, futhi ugijime uzungeza ensimini, ube nesikhathi esimnandi. Uzophila. Kodwa oyedwa, ophelele, kwakufanele afe ngenxa yokungapheleli.

79 Lowo kwakuyimi, uWilliam Branham; kungekho okuhle, ngingafanele ukuphila, ngifanele ukuya esihogweni; ngizalwa emndenini onesono, ngakhuliswa ngiyisoni; kungekho oluhle nhlobo, kungekho neyodwa ingxenye ezwakalayo ngami. Kunjalo. Kodwa, ngeliny’ilanga, ngavuma! Haleluya! Lapho uNkulunkulu ebuka phansi kuKristu, noKristu wathatha indawo yami, khona-ke uNkulunkulu akangiboni; Ubona Lowo oPhelele. Khona-ke inqobo nje uma ngiphakathi lapha, kuYe, khona-ke ngiyapheleleliswa; hhayi kimina. KuYe; hhayi ukuphelela kwami! Anginakho; awunakho. Kodwa kungukuphelela kwaKhe.

80 Ngakho-ke, uJesu akenzanga iphutha lapho Ethi, “Ngakho-ke yibani ngabaphelele, njengoba noYihlo oseZulwini ephelele.” Futhi isidalwa esingumuntu singaphelela kanjani na? Wayengaphelela ngokukholwa kwaKhe okuphelele, okukuYe, ethi, “Wangikhokhela inani.”

UJesu wahlawula konke,
Ngikweleta Yena konke;
Isono sasesishiye ibala elibomvu klebhu,
Waligeza labamhlophe njengeqhwa.

81 He, lokho kusenza sonke simemeze iMethodisti, akunjalo na, uma ucabanga ngalokho? Wena . . . Ngiyakholelwa kukho. Ngiyakholelwa olwazini lwemfashini endala yokumemeza. Yebo, mnumzane. Uma abantwana bethola uhlobo olufanele

lwamavithamini, bahlale bezizwa bekahle, niyazi. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini. Sidinga amavithamini okomoya emabandleni namuhla. Anicabangi kanjalo na?

82 Kungikhumbuza ngomlimi, kanye. Wayenelidadlana... Umlimi oyedwa, wayene—nenqolobane, futhi wayenazo zonke izinto zokulima ezinhle a—a—ayedingeka alime ngazo, ogadaganda nakho konke. Kodwa, wayevilapha kakhulu ukulima, ngakho-ke wa—wavele wayiyeka indawo yakhe yamila ukhula. Futhi lapho kufika ikwindla, into kuphela ayefanele ayenze, ukusika ukhula lwakhe futhi alufake enqolobaneni.

83 Futhi kwakukhona omunye umlimi, owayengenayo inqolobane ebukeka kahle kangako, kodwa wayene... Wayeyindoda ehlakaniphile. Futhi waphuma, futhi wayekhuthele. Futhi wayesebenza, ngoba wayefuna ukondla imfuyo yakhe. Futhi wayevune isithombo esidliwa yimfuyo esihle, nefolishi i-alfalfa, futhi walubeka phezulu enqolobaneni.

84 Kuwo omabili amapulazi, kwakukhona inkonyane encane elalizalwa unyaka nonyaka, kulonyaka. Futhi, ngenkathi, inkonyane elincane kwenye inqolobane, lalifanele londliwe ngokhula, kodwa lalinenqolobane enhle kakhulu. Futhi elinye inkonyane elincane lalingenakho okuningi kwenqolobane, kodwa lalinokuthile ukuba likudle.

85 Lokho kungifaka emqondweni wamanye alamabandla amancane amadala, ubheka ezakhe ezinkulukazi, ezinkulu, ezinde, izindawo azifisayo, niyazi, ezinama-ogani amapayipi ezinkulungwane zamadola, izinkulungwane, bengiqonde lokho, nezihlalo zikanokusho nakho konke kanjalo. Kodwa ngabe kukhona yini okudliwayo na? Leyo yinto elandelayo.

86 Ungena emishini endadlana ethize ndawo ndawo, niyazi, futhi ungahle uthole inqwaba phakathi lapho, niyazi, amavithamini kamoya athile. UNkulunkulu ukuphathele wona, ukusiza umoya wakho ukhuphuke, ukukuvusa kancane. Lokho ukushunyayelwa kweVangeli. Haleluya! Uma lokho kungeke kuvuse ibandla, akukho lutho oluzokwenza. “Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi.”

87 Ngenkathi ngizwa ukuthi uJesu wangifela, ngithi, “Lokho kuyakuxazulula. Udumo kuNkulunkulu! Ngiphephile manje ngoba ngikuYe.” Wangamukela. Kulungile. Wangikhetha. Wakukhetha. Nonke phakathi lapha, lowo ongumKristu, uJesu wanikhetha. Kungokwakho. Kulungile. Wakuthatha.

88 Lelinkonyane elincane, elinye lawo, laligingqikile, lalikade lisenqolobaneni enkulukazi enhle, namarekhi angama karat ayishumi nane, niyazi, nezitebele nezinto. Lapho liphuma, umfo omncane bandla wayengakwazi ukuphuma, niyazi. Wayekabi kakhulu; edla ukhula ubusika bonke. Ngakho-ke elinye...Laphumela engxenyeni yenqolobane, niyazi, nomoya

oshisayo uvunguza, futhi uhlobo lwe. . . umoya ucishe impela uliphephulele phansi; lalihlupheke kakhulu.

89 Futhi ngale ngakolunye uhlangothi, lomlimi walikhipha inkonyane lakhe elidadlana, futhi, o, lalikhuluphele futhi liyindilinga, niyazi. He, lalisesimweni esihle. Ngenkathi liphumela lapho, laqala nje ukugxuma phansi-na-phezulu, ligabavula lizungeza, niyazi, lalinomnandi, umhlangano omkhulu wepentekoste, ligxumagxuma nje lizungeza lapho.

90 Niyazi ukuthi lenzani lelonkonyane elincane na? Leli elingale enqolobaneni enkulu, lalibenazo zonke izinto ezinkulu, niyazi. Labheka phansi, lafifiyela iso lalo elincane emfantwini, futhi lathi, "Chi, chi, chi, chi! Ubuhlanya obunje! Ubuhlanya obunje!"

91 Lowomfo omncane wayezizwa ekahle, akumangalisi ukuthi wayengagxuma. Wayekhuluphalisiwe. Wazizwa ekahle.

92 Yileyo ndlela lapho umuntu ethola ngempela amavithamini akhe angokomoya. Indlu kaNkulunkulu, iza lapho, nomphefumulo wakhe uzondle ngeZwi likaNkulunkulu, lapho azi ukuthi umi kuphi. Konke okwezinkolelo-ze zakhe kundiza kuya le. Futhi ukukhonza udeveli nakho konke okunye, kuvele kuhlakazeke, uma ubona ukuthi uJesu Kristu wafa esikhundleni sami, wathatha indawo yami lapho eKalvari. Olumsulwa, uthando lobuNkulunkulu lufika lapho. Kungenza ngiziphathe kabi, ezweni, kanye ngasikhathi. Ngizizwa ngikahle ngempela ngakho, ngoba ngivele ngigcwale amavithamini, yilokho, lamavithamini amadala amahle *Lapha*.

93 Manje, uPawulu wathi, ngenkathi umkhonzi efika futhi alethe okuncane. . . Uma enze okungalungile, uza naleliwundlu elincane. Manje umpristi omkhulu wayelibheka, umpristi wakwenza, futhi ubone ukuthi kwakungekho lutho olungalungile ngewundlu. Alihlole, abone ukuthi ngabe konke kwakulungile, futhi, uma lalilungile, khona-ke wabeka iwundlu elincane phansi e-altare.

94 Futhi nakhu kuza indoda eyayenze okubi, yathi, "Manje, kade ngintshontsha. Futhi manje ngiyazi ukuthi ngingaphansi kokufa, ngoba ngenze iphutha. UNkulunkulu ubengeke afune ukuthi ngebe; Umyalo wakhe uthi qhabo. Manje ngizobeka izandla zami phezu kwaleliwundlu elincane. Futhi imiyalo kaNkulunkulu lapha yathi, 'Ungebi,' futhi ngebile. Ngakho-ke ngi. . . Ngiyazi ukuthi ngingaphansi kokufa. Kukhona okumele kuphendule ngesono sami, ngoba ngebile. Futhi uNkulunkulu wathi, usuku oyakudla ngalo, ngalolosuku ngiyakufa. Ngakho-ke, ngebile. Futhi uNkulunkulu wathi, 'Uyeba, uzofanele ukufele.' Ngakho-ke Wayedinga, uma ngangingafuni ukufa, ngangifanele ngilethe iwundlu. Ngakho-ke ngibeka iwundlu phansi lapha, futhi ngibeka izandla zami phezu kwekhanda lalomfo omncane, naye futhi ekhala futhi eqhubeka. Futhi

ngithi, 'Nkosi Nkulunkulu, ngiyaxolisa ngokuthi ngebile. Ngiyavuma futhi ngiyaKwethembisa angeke ngiphinde ngebe, uma Uzongamukela manje. Futhi ngomhlatshelo wami, nangokufa kwami, leliwundlu elincane lizofa endaweni yami.'"

95 Khona-ke bathatha ihhuku elikhulu futhi balifaka ngaphansi komphimbo walo omncane, base belinquma ka*njalo*; baliphakamisele phezulu ka*njena*, nomfo omncane ekhala, ekhala. Uvolo undiza, wonke unegazi kanjalo. Futhi umlomo wakhe omncane ompofu, futhi yena ekhala, ekhala, ekhala. Futhi into yokuqala niyazi, igazi lakhe lonke liyopha, futhi ugebisa ikhanda lakhe elincane. Yilokho konke kwako.

96 Khona-ke, indoda, kulotshiwe phansi lapha erekhodini, kufakwa ohlangothini lomphongolo, ka*njena*, ukuthi leyondoda yenza ukuvuma. Uma ikwenza okwesibili, ngonyaka owodwa, uzofanele afe noma kanjani; uzofanele afe newundlu.

97 Manje, lelo kwakuyiTestamente eLidala. Wahamba wabuyela emuva ngqo waphuma lapho, esenze nje ukuvuma kwakhe, wabuyela emuva ngqo waphuma. Futhi mhlawumbe uyaphinga. Mhlawumbe wayenze okuthile okungalungile, okuningi kakhulu...?...Lapho ebuyela emuva phandle lapho...Mhlawumbe wayebulale umuntu. Makuthi... Ngenkathi ephuma ebuyela emuva, noma kanjani, wahamba nento efanayo enhliziyweni yakhe, ayeyenzile ngenkathi engena. Alukho ushintsho kuye; kuphela waye, ngokomthetho, incwadi yomthetho, ephendule isidingakalo. Manje, lokho kwakungeke kwenze, akukwazanga ukuguqula inhliziyo yakhe. Into kuphela ayeyazi, "yayingalungile," ngoba ukufunda emthethweni, newundlu lafa esikhundleni sakhe. Manje, ngenkathi uJesu efika, niyabo, iGazi likaKristu...Niyabo, kwakuluhlobo luni lwegazi elopha na? Igazi lesilwane. Impilo yesilwane, ngenxa yempilo yomuntu, angeke nje kususe isono; angeke!

98 Manje lapho uJesu efika, kwakungeyona impilo yomuntu kuphela, kodwa kwakungukuPhila kukaNkulunkulu uQobo, qobo lwaKhe. Yilokho okwakuseGazini laKhe.

99 Manje, siyabona ukuthi senza okungalungile, "O, ngenze iphutha. Ngonile. Ngiye—ngiye ngaphila ngokungalungile. Ngenze okungalungile." Manje ngiza e-altare. Ngokukholwa ngiyawubona uMhlatshelo; ngibeka izandla zami phezu kwekhanda likaJesu. Ngithi, "Nkulunkulu othandekayo, ngiyazi ukuthi okwami...Ngiyisoni, futhi inkokhelo yesono ingukufa. Futhi uma ngenze okungalungile, ngifanele ngife. Futhi uma ngifa, angeke ngingene eBukhoneni baKho, ngizojeziswa ngokuhlushwa kuze kube phakade naphakade. Ngakho-ke, nginephutha, Baba. Futhi ngifuna ukulunga, futhi angifuni ukufa kanjena." Ngakho-ke, ngibeka izandla zami phezu kwekhanda laKhe, futhi ukuphila kwaKhe kwathathwa ngenxa

yempilo yami. Kodwa into yakho ingukuthi, uma ngisuka e-altare, ngihamba nenhliziyo eguqukileyo. Niyabo?

100 Umuntu wokuqala wahamba, ngaphansi komthetho, ngaphansi kwegazi lesilwane. Kwakungeke kuguqule inhliziyo yakhe, ngoba impilo yesilwane ngeke iqhathaniswe nempilo yomuntu. Isilwane asikwazi ukunikeza igazi lomuntu. Niyabo? Isilwane angeke sikwenze, ngoba impilo yaso iyimpilo ehlukile. Futhi isilwane sinokuphila, kodwa hhayi umphefumulo. Isilwane siyisidalwa esiphilayo, kodwa hhayi umphefumulo.

101 Kodwa uNkulunkulu wafaka umphefumulo kumuntu. Ngakho-ke, khona-ke, umphefumulo wami . . . Uyini umphefumulo na? Imvelo yomoya.

102 Futhi ngenkathi umphefumulo kaKristu wawushiyiwe, hhayi ukushiywa esihogweni, kodwa wahlwithwa; ngeGazi, ukuchitheka kweGazi laKhe, ngenkathi uNkulunkulu eMyise eKalvari. Kwaxubanisa iGazi laKhe phandle lapho esiphambanweni; futhi ngenkathi wayeme lapho, enqekuzisa ikhanda laKhe emuva naphambili, imiqhele izungeze ikhanda laKhe, ka*njena*, nameva, iGazi ligeleza ebusweni baKhe, liconsa lisuka emagodeni aKhe, emahlombe aKhe, ekhala ngezilimi ezingaziwa, "Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, Ungishiyeleni na?" Nanto iWundlu. YiLelo.

103 Yilowo Ongenacala owafa; ukuze mina, ongafanele, bengingenziwa ngilunge, ukuthi ngingahle ngibe nelungelo lokuPhila. Lowo ngongafanelekile—ongafanelekile . . . wena ungongafanelekile ukuthi leloWundlu elakufelayo. Manje yenyukela lapha futhi ubeke izandla zakho phezu kwaKhe, niyabo, futhi wenze ukuvuma kwakho, noNkulunkulu uyakuphendula ngoMoya oNgcwele, njengesiqiniseko sokuthi Ukwamukele.

> . . . ngomhlatshelo *munye* (nanku), ngomhlatshelo *munye uphelelise njalonjalo* . . .

104 Nakho la ukhona. Ngokuba umkhonzi efika minyaka yonke, kwakungokuqhubekayo, cishe minyaka yonke, wabuyela emuva; futhi wawufanele uze ngonyaka olandelayo, isifiso esifanayo enhliziyweni yakhe. Kodwa ngenkathi Enza uMhlatshelo owodwa, qobo lwaKhe, sonke isono, sonke isifiso sesono, futhi yonke into yathathwa enhliziyweni yomuntu. Futhi umi ephelelisiwe emehlweni kaNkulunkulu, hhayi ngalokho akwenzile, kodwa lokho uJesu amenzela khona. Futhi wemukela uMhlatshelo weNkosi uJesu Kristu. O, izinto ezimangalisayo kanjena pho, mngane!

105 Manje, "Ngakho-ke . . . " Manje ivesi le 19. Sinemizuzu cishe engamashumi amabili, asikubeke konke emiBhalweni manje. Manje ivesi le 19.

> *Ngakho-ke, bazalwane, njengokuba sinesibindi sokungena endaweni engcwele ngegazi likaJesu,*

106 Lalelani, nakhu, “Manje ngena eNdaweni eNgcwele.” Kukhona indawo engcwele, bese kuba yiNdawo eNgcwele. “Ngcwelengcwele,” yayibizwa kanjalo. Umpristi omkhulu wayengena kanye ngonyaka. Futhi lapho esekwenzile, into yokuqala ayefanele ayenze kwakungukuba afafazwe, qobo lwakhe. Umphongolo wawungemuva kwekhethini.

107 Futhi umpristi omkhulu wayefanele agcotshwe ngamakha enziwe ngeNtebe yaseSharoni. Awekho amanye amakha abengasebenza. Niyazi ukuthi uJesu wayebizwa ngokuthi uyiNtebe yaseSharoni na? Iyini intebe na? Avelaphi amakha na? Avela entebeni. Kukuphi . . .

108 UJesu wayebizwa ngokuthi uMnduze wesigodi. Ngabe kunjalo na?

109 Noma ubani uyazi lapho isidambisi-zinhlungu zivela khona na? Sivela kumnduze. Isidambisi-zinhlungu silethwa sivela kumnduze. Futhi esokwenzani isidambisi-zinhlungu na? Isidambisi-zinhlungu sithulisa izinhlungu. Lapho abantu begula futhi, behlupheka ngokwesabekayo, bayasangana, bahlanye, babanikeze isidambisa-zinhlungu, futhi lokho kuyakuxazulula. Bayathula. Lokho kukokwemvelo.

110 UJesu, kokomoya, unguMnduze wesigodi. Futhi uma ufika endaweni enjalo, angeke usakwazi ukuzimela nhlobo, futhi ukuphila akusho lutho kuwe, UNkulunkulu unomjovo wakho wesidambisi-zinhlungu, ovela eMduzeni wasigodi, lokho kuthulisa zonke izinkathazo zakho, zonke sezihambile. Awudingi ukuthi udakwe yiwiski, ukuze uthulise inkathazo yakho; zibuyela emuva ngqo futhi. Kodwa woza futhi uthole i—isiphuzo sesidambisi-zinhlungu kuMnduze wesigodi, futhi ziqedwa phakade.

111 Makuze, makuhambe, noma yini; uma uphila, uma ufa, uma uyi*lokhu*, noma *lokho*, noma *okunye*; akukho okukwehlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKristu Jesu. AmaKristu awathenjisiwe umbhede wezimbali wentokomalo, kodwa athenjiswa umusa owanele wazo zonke izidingo abanazo. Amen. Uyasho, ngikholwa ukuthi ngizizwa ngikholwa khona manje. Cabanga ngakho! Yebo, mnumzane. Isizathu, lapho ngithola ukukhathazeka, futhi ngimangala, ngibheka ngapha futhi ngibone *lokhu* kuqhubeka, *lokho* kuqhubeka, kodwa ngiyacabanga, “Linda umzuzu nje. He, he!” Niyabo? Kukhona uMnduze weSigodi.

112 Manje, lenzani iphunga na? Iphunga, abesifazane bazigcoba ngamakha ukuze kube ngokuthokozisayo. Futhi abesilisa bagcoba into yokugcoba ngemuva kokushefa, ngezinye izikhathi, kanjalo; lawo maphunga, amaphunga amabi, beliyosuswa kuwe. Uma uhamba ebukhoneni bomunye umuntu, unamaphunga omzimba noma nenye into ethize, amakha awokususa lelophunga; ukuze wena, ebusweni bomuntu,

ukuze ungabi ngowonakele. Akubekezeleleki. Yilokho amakha noma . . . Insipho inamaphunga kuyo. Futhi ugeza ngensipho, noma izimpushana zethalikhamu, nanoma yini, yilokho abakusebenzisela khona.

113 Manje qaphelani. Amen. Ngizizwa ngikahle nje. Bukani. UJesu wathi . . . Niyabo, WayeyiNtebe yaseSharoni, futhi Wanikelwa kuNkulunkulu njengePhunga elinuka kamnandi. Futhi lokhu . . . Bese kuthi-ke uma siba ngabangabekezeleki phambi kukaNkulunkulu, futhi ngakho-ke, ngiyaxolisa ngesisho, sinuka lokhu okuxakile, niyabo, ukuthi izono zethu—zethu nezinto zimbi kakhulu futhi zonakele kakhulu, khona-ke siza eKalvari nalapho . . .

114 Umnduze, noma iyiphi imbali, ngaphambi kokuba amakha enziwe . . . Uthatha imbali, yinhle; umnduze omkhulu wasekuseni, noma intebe. INtebe yaseSharoni iyimbali enhle. Ngenkathi isaphila, yinhle. Kodwa ukuze kukhishwe iphunga kulokho, ukuze uthole amakha, izofanele igxotshwe. Futhi bayayifihliza futhi bayikhame amakha aphume kuyo.

115 Niyabo, uKristu, ngenkathi Wayelapha emhlabeni, Wayemuhle. Waphulukisa abagulayo. Wavusa abafileyo. Impilo yaKhe ayikaze iqhathaniswe. Wayemuhle. Kodwa ukunenza nibe njengoba Wayenjalo . . . Lapho uNkulunkulu ebheka phansi, Wathi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, eNgithokozile ukuhlala kuYo." Wathi, "Imihlatshelo yenu iba yiphunga elibi ngaphansi kwekhala laMi, kodwa YiLo eNgithokozile ngaye." Manje, Wayethokozile kakhulu.

116 Futhi ukusenza sithokoze kuNkulunkulu, Wadingeka afihlizwe eKalvari, nesono salelizwe sasidingeka sikhanywe kuphume ukuphila, kuphume kuYe. Futhi Wafa, ethwele izono zezwe, ukuze thina sigcotshwe ngeNtebe yaseSharoni. WayenguMnduze weSigodi. "Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu," iPhunga elinuka kamnandi. "Ngemivimbo yaKhe wena waphulukiswa," uMnduze weSigodi lokho kusinika isindambisi-zinhlungu, ukuthulisa ukugula kwethu nobuhlungu bethu. Isithombe esihle kanje pho!

117 Manje, umpristi omkhulu, ngaphambi kokuba angene kuleyoNgcwelengcwele, into yokuqala, wayefanele embathe ingubo ethize eyenziwe. Yayingeke yenziwe noma ngubani; kwakufanele yenziwe ngesandla esingcwele. Lokho kwakhombisa ukuthi izingubo zethu . . .

118 Nakhu-ke! Mina . . . kwenzeka nje ukuthi kuze kimi ngaleyonkathi. Mfowethu, uma kuphela ugqoke ingubo yesonto, kungcono uyiyeke into; angeke uhambe emva kokuNgcwelengcwele. Ingubo leyo umpristi omkhulu ayeyigqokile phakathi lapho, yayifanele yenziwe nge . . . ngesandla esingcwele, izimpahla ezikhethiwe, amen, eyayimiselwe nguNkulunkulu. Nakho-ke. Ngakho-ke uma

ujoyine ibandla futhi ucabanga ukuthi ukahle, unephutha. Niyabo? Kufanele kube ingubo ende ekhethwe nguNkulunkulu. Futhi izindwangu zethu zokulunga kokuzenzela angeke zime eBukhoneni baKhe. Kuthatha uMoya oNgcwele, okuyingubo ende kaNkulunkulu egqokisa ikholwa ukuba lihambe ngemva kokuNgcwelengcwele. O, lokho kuhle. Ngiyakuthanda lokho. Lokho kwakungokusha. Kwakungakaze kuyigwinye enjengaleyo phambilini, kodwa, yilokho-ke, lolohlobo nje, lelo yivithamini langempela. Niyabo? Kuthatha u—uMoya oNgcwele!

119 Bukani emfanekisweni we. . . Waya esidlweni sakusihlwa somshado, futhi wonke umuntu esidlweni sakusihlwa somshado wayefanele embathe ingubo ethile. Futhi wahlangana nendoda lapho eyayingagokile lolohlobo lwengubo. Futhi wathi, "Mngane, wenzani lapha na? Ungene kanjani na?" Manje, niyabo, uma niwazi umfanekiso. Emazweni aseMpumalanga laphaya, ezweni laseMpumalanga, lapho benza umshado, kuze kube namuhla, umkhwenyana ufanele ameme noma ubani amthandayo.

120 Futhi uNkulunkulu anga. . . "Akekho ongeza kuNkulunkulu, noma eze kuKristu, ngaphandle kokuthi uNkulunkulu ambize kuqala." Niyabo, wukhetho, lukaNkulunkulu. Manje bhekisisani.

121 Bese kuthi-ke umkhwenyana, uma enikeze isimemo, ufanele anikezele ngezingubo ezinde. Futhi akukho muntu. . . Ngoba, umema abampofu, umema abacebile. Kodwa ukwenza wonke umuntu abukeke ngokufanayo, ufanele agqoke uhlobo olufanayo lwengubo ende, ompofu uyakwenza, ukuthi ocebile unayo. Niyakuthola na?

122 Manje, uma uNkulunkulu enika umuntu ompofu uMoya oNgcwele, nguMoya oNgcwele ofanayo awunikeza umuntu ocebile. Niyabo, bonke bafanele bafane. Ukuthi, uma bengena eBukhoneni bukaNkulunkulu, akekho ongathi, "Ngigqoke kangcono," ngoba yiGazi elifanayo, umusa ofanayo, uMoya oNgcwele ofanayo, owenza wena uziphathe ngendlela efanayo. Abacebile nabampofu bafanele beze ngokufanayo. Yilowo impela umfanekiso. Qaphelani.

123 Bese kuthi-ke ngenkathi befika nesimemo sabo, bona. . . Izingubo ezinde zazinikezelwa emnyango. Indoda yayima lapho; ibonise isimemo sayo, ukuthi iyeza futhi iyasethula. Bayakwenza eNdiya, khona manje. Futhi, ngakho-ke, bangena emshadweni. Umlindi-mnyango umi lapho emnyango, umnínindlu, futhi ukunikeza isimemo sakho. "Yebo, mnumzane." Bazofinyelela emuva lapha, bathathe ingubo ende, ingubo ende nje, futhi bamgqokise yona. Uyangena. Lokho kukhombisa ukuthi umenywe ngokusemthethweni, wemukelwe ngokusemthethweni, futhi manje useyilungu. Amen. Nakho lapho okhona.

124 Manje uNkulunkulu uBaba, uMoya oNgcwele, uyaphuma futhi akunike isimemo seSidlo sakusihlwa soMshado. Niyabo? Manje, kukuMyeni, khona-ke, ukunikezela ngezingubo ezinde. Futhi Wayekwenza, ngokuPhila kwaKhe uqobo, enikezela ngoMoya oNgcwele. Futhi ufika emnyango, amen, nesimemo sakho. UJesu wathi, "Ngingumnyango esibayeni sezimvu." Futhi uma uza wedlula ngeGama likaJesu, wemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Ngabe kunjalo na? Yamukela uMoya oNgcwele, khona-ke uyangena, futhi uba yilungu, ilungu lomndeni kaNkulunkulu. Ilungu!

125 "Wena uthi, 'Ilungu'?" Impela. "Ngizoba inceku na?" Qhabo, awukwenzi.

126 Uba yilungu. Anisizo izinceku. Ningamadodana namadodakazi. "Manje singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu," ilungu lomndeni kaNkulunkulu. He, o, he! Ngingahle ngihlale emjondolo, kodwa ngiyiGazi laseBukhosini. Nakho lapho okhona. "Ilunga labendlu kaNkulunkulu." Lowo ngumBhalo. Yilokho okushiwo umBhalo. "Yeka uthando lukaBaba asigixabeze ngalo, niyabo, ukuthi sifanele sibizwe ngamadodana kaNkulunkulu!" O, he! Nakhu lapho bekhona, ubulungu.

127 Manje, umpristi omkhulu, egcotshiwe, engena, wayefanele athathe igazi lesilwane ahambe nalo, kungenjalo wayeyofa.

128 Futhi enye into, mayelana nengubo yakhe. Benazi yini, ekugcineni kwaleyongubo, senake nazi ukuthi kwakunani ekugcineni kwayo na? Wayenokuthile ekugcineni kwayo. Futhi onke. . . Kwakuyizinto ezincane zilengela phansi, ekugcineni komphetho wengubo yakhe, futhii kwakuyipomegranati nensimbi, nepomegranati nezinsimbi.

129 Futhi wayefanele ahambe ngendlela ethize ngenkathi engena. Wayengeke akwazi ukwenza amanyathelo akhe noma kanjani. Wayedingeka ahambe ngendlela ethile. Ngokuba, ngaso sonke isikhathi ayenza ngaso isinyathelo, lezozinsimbi zazidingeka zidlale, zibhampa kumapomegranati, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele iNkosi." Khona-ke iNkosi yamuzwa esondela. Amen. Haleluya!

130 Nakho-ke. UNkulunkulu uyakuzwa uma uza ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu ekusondeleni kwakho, ngokuba uyeza, ukhala enhliziyweni yakho, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu uSomandla." Lapho uyangena, nokho, lapho uza, ufuna uMoya oNgcwele. Niyabo? "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu uSomandla."

131 Kwase kuthi-ke, ibandla, indlela kuphela ababazi ngayo. . . Manje, uma ungene lapho, ungagqokile ngaleyondlela ncamashi, wayeyokwenza, afele e—emnyango. Akabange esaphuma. Wafela phakathi lapho, uma engangenanga, wagqoka futhi wagcotshwa ukuba angene. Manje. . . okuwukuphela kwendlela

ibandla elalingazi ngayo ukuthi wayelungile, noma qha. O, he! Indlela kuphela ibandla elilindile elalazi ngayo ukuthi umpristi omkhulu wayelungile, noma qha, bezwa umsindo walezozinsimbi. Kwakukhona umsindo phakathi lapho, futhi yileyondlela abazi ngayo ukuthi wayelungile, noma qha.

132 Angazi uma leyonto efanayo isebenza namuhla. Uma uhamba ngebandla, futhi yonke into ifile futhi ithule, angazi. Kodwa wenza umsindo, niyazi, wazisa abantu ukuthi uNkulunkulu usesesiHlalweni sobukhosi, uNkulunkulu uyawuphendula umkhuleko, abantu basenawo uMoya oNgcwele; ukumemeza izindumiso zikaNkulunkulu, bedumisa uNkulunkulu, bebanga umsindo omningi. Ibandla lithi, "Awu, Ufanele abe ngalapha. Lena yindawo yokuhlala." Uma singena endaweni eNgcwelengcwele, futhi sizisho ukuthi singamaKristu, kufanele kube khona umsindo othile obangwayo. Angiqondile okunye, inqwaba yombhedo. Ngisho owangempela, umsindo weqiniso. Kunjalo. Manje qaphelani lapha.

> *Ngakho-ke, bazalwane, njengokuba sinesibindi sokungena endaweni engcwele ngegazi likaJesu,*
>
> *Indlela entsha nephilayo,* hhayi umthetho omdala, lapho esebuyisene nge. . .*edabula isihenqo, okungukuthi, inyama yakhe;*
>
> *Sinompristi omkhulu wendlu kaNkulunkulu;*
>
> *Masisondele* eduze *ngenhliziyo eqinisileyo* nango*kwethembeka okupheleleyo kokukholwa, zifafaziwe izinhliziyo zethu. . .kungasekho-valo lokubi, umzimba wethu ugeziwe ngamanzi acwebileyo.*
>
> *Masibambisise isivumo sethemba lethu singaxegi; (ngokuba ukholekile lowo owethembisayo;)*

133 Lokho kuvele kukukhiphe konke. O, he! Ngiyakuthanda lokhu, kodwa ngicabanga ukuthi sifanele sivale. Kodwa uma sikhuphukela phambi kukaNkulunkulu, masingahambi, sithi, "Awu, manje, angazi uma yonke into ilungile. Ngi—Ngi. . ." Ngabe ungumKristu na? "Awu, ngi—ngithemba ukuthi nginguye." Akuyona indlela yokuza leyo.

134 Mfowethu, kholwa yindaba! Yemukele, futhi zalwa kabusha. Bese-ke uyakhuphuka ngokukholwa okumsulwa, wazi lokhu, ukuthi, uNkulunkulu uthembisile, futhi uNkulunkulu angeke aqambe amanga. "UNkulunkulu wangethembisa ukuPhila okuPhakade, uma ngikholiwe eNdodaneni yaKhe, uJesu Kristu. Ngikukholiwe; futhi Unginika ukuPhila okuPhakade."

135 Ngenza amaphutha amaningi, ngisawenza, ngiyohlala ngiwenza. Kodwa, lapho ngiwenza, uMoya oNgcwele uyangitshela ukuthi lokho akulungile. Bese-ke ngiyaphenduka khona lapho, "Nkosi, ngithethelele. Bengingaqondile

ukukwenza. Ngisize manje." Futhi ngiyahamba ngiqhubeke, into efanayo. Ngoba, ngale kokushesha nje kunoma kuphuma ezindebeni zami, "Uma sizivuma izono zethu, Ulungile ukuba azithethelele." Ngabe kunjalo na? Haleluya!

136 Udeveli uthi, "Uyazi ukuthini? Ngizokutshela. Ubufanele uhambe uyokwenza into ethize. Awuzange ukwenze. E-hhe, wonile, awonanga na?"

Ngithi, "Ngiyakuvuma."

"Awu, ngiyakutshela . . . "

137 "Qhabo, ungakhulumi nami. Qhabo, mnumzane. Nginokukholwa okuphelele kuLowo Owangitshela uma ngivuma izono zami, Ubeyongithethelela. Ngakho-ke, ngiyakuvuma. Vele usuke kimi. Anginendaba ngalutho nawe, empeleni, ngakho-ke qhubeka nje uqhubekele phambili."

138 Hamba ngesibindi, uqonde ngqo ungene kukho. Uma ukufa kulele lapho, lokho kulungile, hamba uqhubekele phambili ungene kukho, ngokukholwa okuphelele, ukuthi, uNkulunkulu uthembisile ukuthi Ubeyoku "vusa ngezinsuku zokugcina." Yebo, mnumzane.

139 Njengoba bengikutshela; angazi noma nganitshela noma qha. Lapha ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngaphambi kokuba ngiye phesheya kwezilwandle, ngangimile, futhi uGene nami sasicishe senze njengoba wawushilo. Ngangizama ukukama, ini, unwele enganginalo lusele. Unkosikazi wangibuka. Wathi, "S'thandwa! Mm!" Wathi, "Kungcono ugqoke esinye salezozigqokwana esiyizinwele abakunika sona phandle lapha eCalifornia."

140 Ngathi, "S'thandwa, ngiyazithanda ngempela, kodwa nginamahloni ukukwenza."

141 Wathi, "He, Bill, uqinisekile ukuthatha ezakho . . . Izinwele zakho zihambile ngempela, azinjalo na?"

142 Ngathi, "Ya, kunjalo. Kodwa," ngathi, "o, haleluya!"

Wathi, "Yini oyisholo u 'haleluya' na?"

Ngathi, "Angikaze ngilahlekelwe nawolulodwa lwazo."

Wathi, "Awukaze ulahlekelwe olulodwa na?"

143 Ngathi, "Qhabo." Ngathi, "Uyabona, s'thandwa, sengiyaguga." Ngathi, "Ngineminyaka engamashumi amane nanhlanu ubudala." Ngathi, "Ngiyindoda endala." Ngathi, "Angiyena . . . He," Ngathi, "Sengiyaguga. Ngi . . . akwenzi mehluko kimina noma ngabe nginempandla noma yini. Akunandaba kimi, inqobo nje uma ngingahambi, ngithathe—thathe imikhuhlane emibi kalula kakhulu. Ya."

144 Futhi wathi, "Awu . . . " ngathi . . . Kodwa wathi, "Awu, lapho wena . . . " Wathi, "Kodwa uthe izinwele zakho aluhambanga."

145 Ngathi, "Azihambile. Ngani," Ngathi, "UJesu wathi, 'Akuyikubhubha nolulodwa lwezinwele zekhanda lakho.'" Niyabo? Niyabo?

Wathi, "Uqonde ukuthi . . . Awu?"

146 Ngathi, "S'thandwa, ekuvukeni, lapho ngiphuma, ensizweni njengoba ngangiyiyo ngenkathi sishada; ihlombe eliqondile, hhayi umbimbi, izinwele ezimnyama eziyinkimbinkimbi." Ngathi, "Yileyo ndlela engizobukeka ngayo futhi." Yebo, mnumzane. Ngathi, "Angisoze ngalahlekela nawolulodwa lwazo ngaleyonkathi."

Wathi, "Awu, awu, zikuphi na?"

147 Ngathi, "Ngizokubuza okuthize, bese-ke, uma ungiphendula, ngizokuphendula."

Wathi, "Ini?"

Ngithi, "Zazikuphi ngaphambi kokuba ngizithole na?"

Wathi, "Awu, ngicabanga ukuthi uNkulunkulu wayenazo . . . "

148 Ngathi, "Yilapho Anazo khona, futhi." Ngathi, "Ziselapho. Onke amavithamini ayekuzo, lonke ingqamuzana lokuphila elalikuzo, yonke i-atomu eyayikuzo, konke okuncinyana kwepetroliyamu okwakukuzo, konke okuncinyana kokukhanya kwakuthatha ukuzenza, uNkulunkulu wayenakho ezandleni zaKhe. Akukho nolulodwa lwazo olwabhubhayo. Zikhona, zonke, ndawo ndawo ezandleni zikaNkulunkulu."

149 Ngiyabheka, amehlo ami ashona phansi, isikhwama ngaphansi, imibimbi emikhulu esiphongweni sami. Futhi ngezinye izikhathi ngifanele ngicishe ngibe nezinxemu, ukuze ngibuke iBhayibheli lami. Futhi udokotela wangitshela ukuthi nginokubona okuphelele, amashumi amabili-amashumi amabili, kodwa wathi, "Ngemva kokudlula iminyaka engamashumi amane ubudala, izinhlamvu zamehlo akho ziba yisicaba, futhi angeke ufunde okusondele kakhulu kuwe."

Ngathi, "Yebo, mnumzane, ngiyakwazi lokho."

150 Wathi, "Ulokhu uphusha iBhayibheli lakho liqhele, neBhayibheli liqhele." Wathi, "Ngemva kwesikhashana, usunalo le ngaphandle *lapha*."

151 Ngathi, "Ngizothola izinhlamvu ezinkudlwana nje, noma into ethize efana nalokho."

Wathi, "Awu, kuyimvelo nje."

152 "Ngibuka ngaphandle *lapho*, futhi ngiyalubona unwele lubekwe ekugcineni kwepuleti."

153 Wathi, "Awu, uneminyaka engamashumi amane ubudala, mnumzane." Wathi, "Izinhlamvu zamehlo akho—akho empeleni nje . . . Njengoba nje izinwele zakho ziba mpunga, nokunye nokunye," wathi, "ufanele ube nakho."

Ngathi, "E-hhe." Hhe!

154 Ngabuka kukho konke lokhu. Futhi ngiyaqaphela ihlombe lami, futhi ngimi nganamahlombe aqhothile. Ngangivame ukuba uhlobo losemusha futhi umsubathi. Sengiyakhuluphala manje. Ngithole amaphawundi angamashumi amane engeziwe, esisindo. Futhi nginezinyawo eziyisicaba, okokuqala nje, futhi manje kunzima ukuhambahamba. Ukuqaqamba nezinhlungu kuza. Awu, sengiyaguga, yilokho kuphela.

155 Angikudingi konke lokhu lapha ubukhazikhazi engangivame ukuba nabo, kodwa angikalahlekelwa nayikuphi kwakho. Sonke isilinganiso esasikuzo, isikhumba, esangenza ngabamusha, uNkulunkulu usenakho. Kunjalo.

156 Futhi loluhlaka oludala, ludonsisana nje, yilokho kuphela. Ngemva kwesikhashana, luzoguga futhi lube nemibimbi, futhi mhlawumpe njengoba kwenza bonke abakwaHarvey, ohlangothini lukamama wami. Okungukuthi, bathi ngibukeka ngifana nabakwaHarvey. Bonke baba nedumbe. Nonke niyamkhumbula umkhulu, loyo owakha isonto lapha, niyazi. Uhlala eqhaqhazela, ehamba ka*njalo*, niyabo, futhi unedumbe.

157 Ngamqaphela umama omdala ompofu, ngeliny'ilanga. Ngethemba ukuthi akekho lapha, kodwa . . . [Udade ebandleni uthi, "Yebo, ukhona."—Umhl.] O, angazi noma . . . Awu, empeleni, waqala ukuthatha inkomishi yekhofi, nento endala bandla ka*njalo* nje, nezandla zakhe ezindala kanjalo. Futhi ngabuka imibimbi ilenga. Ngacanga, "O, umusa!" Ngingahle ngikusho. Uhlezi lapho, niyabo. Wathi, "Angi . . . ? . . . " Futhi angakuthatha. Kodwa, futhi bheka, inhliziyo yami yacishe yagxumela emlonyeni wami. Ngaphendula ikhanda lami. Ngacabanga, "Nkulunkulu, kukangaki lokho kushaya izinyembezi ziphume emehlweni ami, futhi manje unedumbe, eqhaqhazela!" Ngicabangile, "Ya, ngizofika, nami, ngolunye usuku, kanjalo, uma ngiphila."

158 Kodwa, mfowethu, ngolunye lwalezizinsuku, ngizovele . . . Amasondo amadala okuphila okufayo wonke ayoma ngqi. Lapho kwenza, ngiwelela entabeni yaseZiyoni, ukuyohlala isikhashana ngaphesheya Lapho. Yebo, mnumzane. Zonke lezizinto ezindala ezifayo! O, khumbula, wathi:

> Lapho ngilindwe yikusasa lenjabulo,
> Lapho amasango eparele eshwibeka evuleka kabanzi,
> Futhi nxa ngiwela isigodi yosizi,
> Ngiyokhempa phezu kolunye uhlangothi.
>
> Suku lumbe ngaphezu kwalapho kufinyelela khona ukwazi kosazofa,
> Suku lumbe, uNkulunkulu kuphela uyazi nje ukuthi kuphi noma nini,

Amasondo empilo esazofa onke ayoma ngqi,
Khona-ke ngiyohamba ngiyokwakha entabeni
yaseZiyoni.

Yehlela phansi, nqola enhle,
Uzong'thwala ngiye eKhaya;
Yehlela phansi, nqola enhle,
Uzong'thwala ngiye eKhaya;

159 Kunjalo. Inkungu izoqala ukugeleza phambi kobuso bami, mhlawumpe udokotela agijime angene futhi athi, "Awu, Billy, usephelile." O, he! Ngiyazi ukuthi lelogumbi elimnyama elidala lihlezi ngaleya, nenhliziyo ishaya, ingena kulo ngqo. Angifuni ukuhamba njengegwala. Ngifuna ukuzisonga ngezingubo ezinde zokulunga kwaKhe, ngazi lokhu, ukuthi ngiyaMazi eMandleni okuvuka kwaKhe. Futhi ngolunye usuku lapho Ebiza, ngiyophuma phakathi kwabafileyo, futhi ngiphile futhi phakade.

160 Ukwazi uKristu kungukwazi ukuPhila. Kunjalo. Futhi angikhathali, ngingahle ngingabazi o-ABC bami, kodwa ngifuna ukwazi uKristu. Kunjalo. Ngingahle ngingayazi yonke isayense yezenkolo, kodwa ngifuna ukwazi uKristu. Ngingahle ngingazi ngoMongameli, nokuthi uyindoda elungile noma engalungile. Ngifuna ukwazi uKristu. Kunjalo. Ukwazi uKristu kungukuPhila. Kunjalo. Ukwazi uMongameli nokwazi lokhu okunye, wudumo, nokwazi osaziwayo nento. Kodwa anginandaba nalokho. Ngifuna ukwazi uKristu eMandleni okuvuka kwaKhe, ngazi ukuthi sinakho, kulobubusuku, "umPristi oMkhulu ehlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, ebukhosini baKhe Lapho, enza ukunxusa." Khona-ke, ngifuna ukubambelela ngokuqinile kulokho kuvuma!

161 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]. . .-phambi kwalezo zinkolo eziyishumi nantathu ezahlukene, zabakhonza izinyoka nabakhonza amankomazi, nakho konke. Ngathi, "Banumzane abahloniphekile, bezinkolo zalelizwe, ingaveza ini inkolo yenu ngakulendoda empofu eyimpumputhe imi lapha na?" Yayilapho-ke, ibuka ilanga iminyaka engamashumi amabili. Yayiyimpumputhe ngokuphelele. Ngathi, "Inkolo yenu ingayenzelani lendoda na?" Akukho lutho ezweni kodwa ukuyinika uhlobo oluthile lwento eyinganekwane ngaleya, ethi, "Mhlawumbe ngolunye usuku, uMohamede abe nomusa kuyo futhi asindise umphefumulo wayo." Mhlawumbe, ukuthi uyacabanga, "uma isalokhu ibuka ilanga, njalonjalo njalonjalo, futhi igcine ikhanda layo kanjalo, lapho ifa, iyosindiswa."

162 Ngathi, "Angeke anikele lutho. Kodwa iGazi likaJesu Kristu, haleluya, angeke limnikeze ukuPhila okuPhakade kuphela, kodwa lingakufakazisa khona lapha ebukhoneni banu, lingambuyisela lokho kubona ake aba nakho emuva ngaleya." Ngathi, "Uma Ezokwenza lokho, ngabe nina banumzane

abahloniphekile, bezinkolo zalelizwe. . . ” Ngenkathi, cishe amakhulu ezinkulungwane zabantu ababekade bekuzwa lokho, futhi babebuthene phakathi lapho. Kusobala, angikwazanga ukufinyelela kwabaningi kangako, ukukuzwa, ngoba ubungeke ubone abaningi kangako. Kodwa ngathi, "Uzomemukela uJesu Kristu uma Ezokwenza na?" Baphakamise izandla zabo, lezozandla ezimnyama emoyeni, babekwenza. Ngathi, "Letha lapha umnumzane ohloniphekile."

163 Lapho ekhuphukela lapho, ngathi, "Mnumzane, uyimpumputhe. Futhi uma uJesu Kristu ezobuyisela ukubona kwakho, uzothembisa ukuthi uzoMkhonza na?"

164 Futhi wathi, "Ngizomthanda uJesu Kristu, futhi ngingakhonzi omunye uNkulunkulu ngaphandle kwaKhe. Uma Ezongibuyisela ukubona kwami, ngizokwazi ukuthi Wavuka kwabafileyo."

165 Ngabeka izandla zami phezu kwakhe. Ngathi, "Nkulunkulu othandekayo, njengezandla ezifayo, umuntu osebenzayo, umuntu oyisoni; kepha uma Ufuna izandla ezingcwele, ngubani ongaba nazo na? Kodwa ngiyangena ngesenzo sokukholwa, ukuthi Ungitshele ukuba ngikwenze. Futhi ngiyeza, hhayi ukuba ngihlakaniphe, noma ukuziqhayisa, kodwa ngiza ngoba Wathi bafanele bakwenze. Futhi ngiyalikholwa iZwi laKho. Futhi manje ngenkathi izinkulungwane ziselapha, ngimi nje onqenqemeni, futhi bakhonza izithixo nakho konke okunye, makwazeke kulobubusuku ukuthi Wena unguNkulunkulu weqiniso nophilayo owavusa uJesu Kristu kwabafileyo, ngokunika lendoda ukubona kwayo."

166 Futhi indoda, izinyembezi zehla esihlathini sayo, yathi, "Ngiyabona." Futhi yehla idabula esakhiweni yahamba, ngamandla eyayingahamba ngawo, nokubona kwayo. O, he!

> Ngumusa omangalisayo lowo! umsindo omnandi kangakaka,
> Owasindisa olusizi njengami!
> Ngangilahlekile, (Phandle, ngaleya, imijaho yamahhashi nakho konke okunye ngeSonto.)
> Ngangilahlekile, kodwa manje sengitholiwe,
> Ngangiphuphuthekile, kodwa manje sengiyabona.

167 Buka, mfowethu, kuhle kangaka, inkolo eyimfashini endala kaMoya oNgcwele.

> Ngumusa owafundisa inhliziyo yami ukwesaba,
> Ngumusa owakhulula ukwesaba kwami;
> Kwaba yigugu kangakanani ukubonakala kwalowomusa
> Ngehora engaqala ngalo ukukholwa! (Yebo, mnumzane! O, he!)

Lapho sesibe lapho iminyaka eyizinkulungwane eziyishumi,
Ukukhanya okukhazimula njengelanga;
Asiyikuba nezinsuku ezinciphayo ukucula udumo lwaKhe
Kunangamhla siqala ukuqala. (O, he!)

Ezingozini eziningi, izinkathazo nezihibe,
Sengivele ngifikile;
Kungumusa ongifundisile, noma ongifikise, kwaze kwaba lapha,
Kungumusa ozongithwala ngiqhubeke. (O, he!)

168 NgiMthanda kanjani! Kungumusa waKhe, akukho ebengingakwenza. Akukho ebengingakwenza. Akukho ongakwenza. Kodwa, thina, siza kulobubusuku, njengamadoda nabesifazane abangamaKristu, sivuma ukuthi asifanelekile, futhi semukela Yena njengowethu...esikhundleni sethu. Ukwamukela Lowo lowo...Ngiyazi, ngokuqinisekile njengoba nje uNkulunkulu amukela Yena futhi waMvumsa, Wangikhulisa ngendlela engokomfanekiso, ngesikhathi esifanayo Avusa ngaso uKristu. Amen. O, ngizofanele ngime. Kodwa, bukani. Ngesimo esingokomfanekiso, Wangivusa ngesikhathi esifanayo lapho Evusa uKristu. Wanivusa ngesikhathi esifanyo Evusa ngaso uKristu, ngoba lokho kwakungokokulungisiswa kwethu.

169 Buka, uma usindisiwe, unaKho. "Labo Abamisile, noma ababizile, Ubalungisisile. Labo Abalungisisile, Usevele ubakhazimulisile kuKristu Jesu." Lokho kunjalo na? "Ubakhazimulisile," kakade, "kuKristu," ngamehlo kaNkulunkulu, Okwathi emuva le ngaleya, izigidi zeminyaka ngaphambi kokuba kubekhona izwe, ngenkathi iZwi lalinoNkulunkulu. Kwakungumcabango kaNkulunkulu, bese-ke iZwi laKhe, khona-ke labonakala laphatheka ngaleya. Futhi ngesikhathi esifanayo nje Amukela ngaso uKristu, Wangamukela kuKristu. Futhi ngaleya, ezweni elizayo, kanye nami nawe nawo wonke amaKristu kuyo yonke iminyaka, siyaMthanda futhi sihlala naYe, futhi sijabulela iPhakade elingapheli kanye neNkosi yethu uJesu Kristu, uMhlengi wethu obusisiwe. O, he!

170 Mfowethu Roberson, lokho kungenza ngizizwe ngingumuntu ohlukile. Niyabo? Ngabe imfashini endala, ukufunda nje iZwi likaNkulunkulu, akukukolobhi na? Niyabo, kuyakukolobha nje!

171 Njengoba umama wayevame ukwenza, ngesikhathi sojeke wezithelo. Ngifanele ngifake ethinini ojeke bezithelo, niyazi, ngibafake okugcwele kokulondoloza kunganakali masinyane nezinto. Wayengenza ngiphume ngiye lapho bese ngibakhuhle, kanzima njengoba ngingabakhuhla ngendwangu endala. Nganginesandla esincane, ngehlele ezansi lapho futhi ngibakhuhle. Bese-ke ebathatha futhi abahlanze amagciwane.

abafake emanzini abilayo, futhi abahlanze amagciwane. Ababilise nje ngamandla akhe onke, labo jeke. Angizange ngibone ukuthi kungani wayebabilisa. Kodwa wayefuna ukukhipha onke amagciwane kubo. Isizathu, uma kwakukhona amagciwane phakathi lapho, bekuzokwenza okulondolozayo kungonakali masinyane, noma izinto azifake kuwo, zibemuncu.

172 Ngakho-ke yilokho esidinga ukukwenza uma sifika kuKristu. Yehlela ezansi lapho kuze kuba uMoya oNgcwele ususihlanze amagciwane futhi wasibilisa sonke, khona-ke uNkulunkulu angafaka uMoya oNgcwele phakathi lapho, ngaphandle kwanoma iyiphi inqubo emuncu, niyabo. Uvele aKufake lapho, futhi uvele ube mnandi ngaso sonke isikhathi.

173 Futhi umama wayevame ukupheka okulondolozayo kungonakali masinyane. Senake nalibona elinye lalawo maketela amakhulu amadala na? Uphumela ngaphandle futhi ulibeke phezu kwezitini, niyazi, futhi ufanele ufake izinkuni ngaphansi kwalo kanjalo. E! Nginakho. Esikhathini sokupheka okulondolozayo kungonakali masinya, kwakunalabo abancane, abadala, abaphuzi, otamatisi bangempela. Futhi wayethela cishe isilinganiso esithile phakathi lapho, futhi afake ushukela. E! Futhi—futhi wayeyongenza nginqume izinkuni, niyazi. Futhi—futhi ngangihamba ngiyonquma izinkuni futhi ngizibeke ngaphansi lapho, niyazi, futhi ku—kuyoqala ukubila. Isistimu siyokhuphuka. Ngathi, "Mama, azikalungi lezo zinto na?"

Wathi, "Qha. Hamba unqume enye inqwaba zingodo zocingo."

174 Nakhu ngangingena, niyazi, futhi umjuluko ugeleza kimi, futhi ngizifake ngaphansi lapho. Futhi ngangithi, "Mama, ucabanga ukuthi lokho kuzokwanela na?"

"Kungcono uthole ezinye."

175 Futhi wayezenza lezo zinto zibile zize zibe, niyazi, u—umoya-mpilo noma okuthile kungangena ngaphansi kwalo, futhi kuzenze ziqhume, niyazi, "pha, pha," kanjalo, ziqhume. Lapho sekungaleyondlela, wathi kwase kukulungele ukufakwa ethinini. Kwakushisa kakhulu, kwakungeke kusakwazi ukukumela nhlobo, futhi kwadingeka kugxume, niyabo.

176 Ngakho-ke ngicabanga ukuthi yileyondlela uNkulunkulu afanele asithole ngayo, niyazi, vele ubilise wonke udeveli aphume kuwe uze ugxume enkazimulweni. Khona-ke usulungele ukufakwa ethinini. Futhi uNkulunkulu wakubeka uphawu ngaleyonkathi, niyazi. Ngakho-ke yilokho esikudingayo lapha, umhlangano omuhle oyimfashini endala, kuze bonke—bonke ubutha, yonke into engafani noKristu, ithola ukubiliswa nya, niyabo. Bilisa konke nje uze ufike nje, "Nkosi, ngiyaxolisa." "Mfowethu, ngixolele. Bengingaqondile ukwenza lokho. Angeke ngi—ngiphinde ngikwenze." "O Nkulunkulu, yiba nomusa kimi!" Ukuthi, usulungela ukuba sethinini-ke, niyabo.

UNkulunkulu ulungiselela ukusebenzisa wena ngempela. Uma ubuyisela lezozinto, webile, uyazi, futhi ulungise lokho, uthi, "Mfowethu, bengingaqondile ukweba lokho, uyazi. Qhabo, mnumzane. Ngi—ngizimisele ngisho ukuba. . .ngizo—ngizokukhokhela ngokuphindiwe ngakho." Niyabo? Khona-ke usuyalunga, khona-ke, uyazi. Kunjalo. Yilokho esikudingayo. O, he!

177 Ngizoniculela *Inkolo YakuDala,* uma nifuna ngicule. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Culani ivesi, ngizocula ivesi. Nina culani ikhorasi.

> NguMoya oNgcwele wakudala,
> Nodeveli angesondele kuWo,
> Yingalesosizathu abantu beWesaba;
> Kodwa Unganele mina du.
>
> Nginike leyo nkolo yakudala,
> Nginike leyo nkolo yakudala,
> Nginike leyo nkolo yakudala,
> Futhi Inganele mina du.
>
> Iyokwenza lapho sengifa;
> Iyokuyekisa ukuqamba amanga kwakho;
> Iyoqala ukundizisa udeveli,
> Futhi Inganele mina du.
>
> Nginike leyo nkolo yakudala,
> Nginike leyo nkolo yakudala,
> Nginike leyo nkolo yakudala,
> Futhi Inganele mina du. (Niyabo?)
>
> Inhle kakhulu angiyifuni enye,
> Ngokuba Ingenza ngithande umfowethu;
> Futhi Iveza okufihliwe,
> Futhi Inganele mina du.
>
> Nginike leyo nkolo yakudala,
> Nginike leyo nkolo yakudala,
> Nginike leyo nkolo yakudala,
> Futhi Inganele mina du.

178 Manje, bangaki lapha abanaleyonkolo yakudala na? Phakamisa isandla sakho, uthi:

> Nginayo leyo nkolo yakudala,
> Nginayo leyo nkolo yakudala,
> Nginayo leyo nkolo yakudala,
> Futhi Inganele mina du.

179 Manje, Baba Othandekayo, thina ngezinye izikhathi. . . Futhi siyajabula futhi sivele siziphathe njengesixuku sabantwana. Lokho kungenxa yokuthi sikhululekile. Asikho ngaphansi kobugqila bobubi, nanoma yimaphi amasiko, nanoma yiziphi izinto ezithile zabadala. Sikhululekile nje kuMoya oNgcwele, ukuthi singakwazi ukucula futhi siKukhonze,

futhi sihlanganyele ngaseZwini, futhi sizijabulele. Kulokho, siyaKudumisa, Nkulunkulu Somandla! O, emva kokubona zonke izinxushunxushu zezinkolo ngegama, nazo zonke izinhlobo zokukhonza izithixo; nokucabanga ukuthi Wawumuhle kakhulu, kimi, ukungivumela ngazi Wena eMandleni okuvuka kwaKho, nokwazi ukutshela abanye ngakho. Siyajabula kakhulu.

180 Busisa lelibandla elincane, kulobubusuku, Baba. Busisa wonke umuntu lapha. Uma kukhona izihambi emasangweni ethu, zibusise, Baba, wonke umuntu. Senze sibe yisibusiso kwabanye. Gcina aMandla kaNkulunkulu phezu kwethu. Ngcwelisa imiphefumulo yethu emicabangweni emibi. Futhi uma ububi bungafika endleleni yethu, sengathi singaphendula masinyane amakhanda ethu, Nkosi, futhi sihambe ngenye indlela.

181 Futhi manje, Baba, sikhulekela ukuthi Uzosibusisa ndawonye, kulobubusuku. Siphe isikhathi esihle. Futhi manje, uma sizobiza abagulayo nabahluphekile, sikhulekela ukuthi Uzobaphilisa bonke. Kwangathi inkazimulo. . . Thola udumo kukho konke okwenziwayo noma okushiwo, ngokuba sikucela eGameni likaKristu.

182 Futhi sisakhothamise amakhanda ethu, uma noma ubani kini lapha, ongathi, "Mfowethu Bill, emphefumulweni wami nje uqobo manje, ngi—ngingathanda ukuza ngendlela eyamukelekile kaNkulunkulu, nendlela ehlinzekiwe. Futhi ngithanda ukukucela, ngenkathi kungekho omunye umuntu obukayo, ngizophakamisa isandla sami futhi ngithi, 'Mfowethu Bill, ngikhulekele, ukuthi uNkulunkulu uzovele anginike umusa waKhe futhi angenze umKristu ongcono.'" Ungasiphakamisa isandla sakho na? UNkulunkulu akubusise, wena, wena, wena. Kuhle lokho. Kulungile.

183 Baba, Uyazibona izandla zabo, futhi ngikhulekela ukuthi Ubaphe lezizibusiso. Kwangathi uthando lwaKho nomusa kube phezu kwabo bonke. Futhi uma bonile, noma benze noma yini, khona-ke, Baba, ngikhulekela ukuthi Ubathethelele. Uma ekhona phakathi kwethu, kulobubusuku, Nkosi, noma kuphi esakhiweni, owesilisa noma owesifazane, umfana noma intombazane, ongasindiswanga ngokwempela nje, nangaphansi kweGazi, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzokwenza khona manje, futhi sengathi bangaba ngamakholwa.

184 Futhi Wena wathi, "Uma ungakholwa." Futhi sikholwa yini na? Sikholwa ukuthi uNkulunkulu wathumela iNdodana yaKhe kulomhlaba, futhi yenziwa isono, esikhundleni sethu. Futhi asilungile, futhi siyavuma ukuthi asilungile nhlobo; futhi siMemukela njengoMsindisi wethu. Yilokho esikukholwayo, Baba. Kulokho, Usinikeza ukuPhila okuphakade. O, sijabule kakhulu! Wathi Uyosinika Khona ngoba sikholiwe eNdodaneni

yaKho. Futhi uJesu wathi, qobo lwaKhe, ukuthi uma sikholwa kuYe, ukuthi sinokuphila okuphakade. Ngakho-ke, siyabonga ngalokhu.

185 Manje, sibusise, kulobubusuku, futhi uthethelele sonke isono. Futhi kwangathi kungebebikho noyedwa umuntu, obekulomhlangano kulobubusuku, ongake axoshwe, kodwa kwangathi bangaba nokuphila okuphakade, ngoba babuthene lapha kulobubusuku futhi bakholelwe kuWe. Futhi, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzobabheka manje, futhi ubabusise kukho konke abakwenzayo noma abakushoyo. Futhi sengathi bangeza kuWe ngokuthula, ngezinsuku zokugcina. Kwangathi sonke singabuthana Lapho, futhi sikhumbule lobubusuku, sindawonye. Siphe khona, ngeGama likaJesu. Amen.

186 UNkulunkulu anibusise, bangane bami abathandekayo. Futhi manje uTeddy uzoza lapha opiyaneni. Futhi labo abazokhulekelwa, uma nizozungeza i-altare, masinyane impela. Sizoba nemizuzu embalwa nje ngaphezulu. Sizozama ukuphuma ligamenxe elesishiyagalolunye, uma niza manje. Awu, nginencwadi iletha lapha engizoyifunda, kukhona ongithumele lapha. Kungahle kubaluleke kimina ukuyifunda khona manje. Ngakho-ke nje. . .Nani nonke yibani nilokhu nihleli nje ezihlalweni zenu, ngenkathi labo abazokhulekelwa. Ngiyazi uDadewethu Ruddell ulapha ukuba akhulekelwe. Uma omunye umuntu, ngani . . .

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org